# *EmaPhikweni EJuba eliMhlophe njengeQhwa*

Asikhothamise amakhanda ethu.

Nkosi ethandekayo, siyaKubonga kulobubusuku ngesithembiso sokufika kweNkosi uJesu, lapho esiyohlangana khona emhlanganweni omkhulu lapho ongasoze waphela khona, wezinjabulo namaculo, njengoba siKudumisa iminyakanyaka e—engenakunqamuka ozayo. Sicela izibusiso zaKho phezu komhlangano kulobubusuku. Sicela izibusiso zaKho phezu kwalelitabernakele, phezu kwesitafu salo, abelusi balo, ababambisene nezisebenzi balo, ababambisene nabelusi balo, nabo bonke.

2 SiKucela ukuba ubusise laba, Nkosi, abafike bevela emamayeleni amaningi ukuba beze emhlanganweni, beka isandla saKho somusa phezu kwabo lapho sebehamba bebuyela ekhaya labo. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi singahlangana ndawonye ezinye futhi izikhathi eziningi kulendawo ebizwa ngendlu kaNkulunkulu, ukuzokhonza. Busisa labo abalalele kulobubusuku, Nkosi, ngendlela katelefoni. Kwangathi wonke umuntu ongasindisiwe angathola uJesu Kristu uMsindisi wabo, kulobubusuku; philisa bonke abagulayo nabahluphekile. Baba, inceku yakho ibika umsebenzi eGamani likaJesu. Amen!

3 INkosi inibusise ngamunye. Ngijabula kakhulu ukuba lapha kulobubusuku. Ngisanda kungena nje ngenkathi uMfowethu Ernie kade ecula ingxenye yokugcina yeculo lakhe, *EmaPhikweni eJuba*. Inkondlo enhle ngempela, enhle ngempela, futhi ngi—ngiyazi ingesikhathi esifanele. Ngakho manje, sibonga kakhulu.

4 Nakini nonke bantu olalele kulobubusuku ngaphandle esizweni sonke, bengifisa sengathi kuphela benilapha ukubona lokhu okulindelwe, ngamathemba ebusweni babantu njengoba beminyene endlini kulobubusuku; benesikhathi esimnandi.

5 Sifuna ukubonga uMfowethu Jack Moore, noDadewethu Moore, noMfowethu Noel, uMfowethu Boutliere, uMfowethu Brown, bonke laba esibambisene nabo lapha, itabernakele lonke, isitafu sonke, ngokubuye basimeme.

6 Bekuyi . . . ngempela i . . . uhlobo lwe . . . ngeke ngathi kuthuke kwenzeka, bekuyisandla sikaNkulunkulu kalula nje esikusebenzileyo. Kukhona umfowethu lapha owaba nephupho esikhathini esithize esedlule, mayelana nalento yenzeka, wathi nga "ngimi ngigqoke ibhulukwe elimhlophe, ngifake izicathulo zamaNdiya amamokhasini." Futhi yileyondlela

impela nje engangimi ngayo ngenkathi ngibiza uMfowethu Jack ngomhlangano lapha, nje ncamashi, (eCarson, eColorado) izicathulo zamaNdiya amamokhasini ngigqoke ibhulukwe elimhlophe ilevi; Mfowethu Leo, uma ulalele, bengibonana nawe nje emizuzwini embalwa. Ngakho lokho kungenkathi umhlangano uthatha usuku lokuzalwa kwawo, khona lapho.

7 Manje yiSonto ebusuku; ngiyazi abaningi benu bazoshayela ubusuku bonke sebeya ekhaya, abanye benu bazobe beshayela ekuseni. Ngihlalelwe ngukushayela izinsuku ezimbili. Futhi ngakho—asizikunibambezela isikhathi eside kakhulu. Futhi bengizama ukwenza lokhu kube ngubusuku besikhathi sakudala, ubusuku uMfowethu Brown, noMfowethu Jack, nathi sonke esasivamise ukukhulekela abagulayo eminyakeni eyedlula, sikhulekele abagulayo ngendlela esasenza ngayo ngalesosikhathi.

8 Manje, niyangizwa emuva ngemuva na? Ngilokhu ngehlisa nje lemibhobho ngoba ngishe izwi.

9 Futhi ngakho ngifuna uku . . . Into encane nje, lesisehlakalo senzeka. Ngani, kade bengitshela esikhashaneni esedlule ukuthi bekukhona umfowethu, mhlawumpe lapha emhlanganweni kulobubusuku, osanda kuphuma ebuhlelweni; ungena eShreveport, ubefuna ukuzwa ngoMlayezo. Futhi wadideka, akazanga ukuthi ubekuphi, ngakho waya ezansi nedolobha. Wabona abantu bebuthene, wathi, "Kulapha yini uBilly Branham azoshumayela khona na?"

10 Wathi, "Qhabo, yilapho uBilly Graham eshumayela khona nge—ngendlela ye—yefilimu."

11 Wathi, "Awu, ngiyaxolisa, ngi—ngisendaweni engesiyo."

12 Uthi wenyuka, wathi, "Manje ngingaya kuphi, Nkosi na?" Uthi wase eqala ukuhamba enyuka ngalomgwaqo omkhulu. Angazi ukuthi kuyini, kukhona isonto elikhulu phezulu lapha ekugcineni. UMgwaqo uTexas. Futhi bekukhona isiphambano esikhulu esimhlophe phezu kwesonto. Wathi iNkosi yamtshela, yathi, "'Qhubeka nje uhambe.'" Wathi . . . esefika lapho, bekukhona . . . Wathi, "Awu, lapha kufanele kube yikhona, kukhona inqwaba yezimoto ezibekwe zazungeza." Futhi wathi, "Umlobokazi nomyeni beza behamba bephuma esontweni." Lokho bekuyizolo ebusuku, bekukhona umshado, ngiwubonile uphuma. INkosi yathi, "Manje, yilokho-ke. Uphuma ebuhlelweni ukuze ungene kuMlobokazi, ukuba uhambe noMyeni." Niyabo? Niyabo?

13 Bengiphawula kumkami, sehla ngomgwaqo, ukuthi inyanga nenkanyezi kulenga kanjani khona ngaphezu kwalesosiphambano, lapho senyukela kuso. Ngiqagele ngiyaye nje ngibuke izinto ezincane ezinjalo, mhlawumbe kuwuhlobo oluncomekayo enkolelelweni yami kuNkulunkulu nenkonzo yami.

14 Bengicabanga kulobubusuku, eTucson. kwenzekile ukuba kube yilowoVictor La Doux, wayeyilomFrentshi. . . ungumFrentshi wangokoqobo. Ngikholwa ukuthi nganginitshela ngolunye usuku, ukuthi uma sengiqede ukukhuluma, ngizama ukwehlukanisa ubuhlelo ebuKristwini bangempela. . .Nendoda yayinginika u. . .uhlobo lwenkulumo emfishane ngakho, ebandleni ivela ebandleni lePentecostal eliyihlelo.

15 Futhi ngakho uDanny Henry, ngicabanga ukuthi ungumzala wengcweti yamabhayisikobho noma okuthize, futhi wayeyiBaptisti; futhi ugijimela phansi emsamo, futhi wavele nje wangigaxa ngezingalo zakhe wayesethi, "Mfowethu Branham, ngethemba ukuthi lokhu akuzwakali kungokuthuka okungcwele, kodwa lokho bekungaba yisahluko 23 seSambulo." Futhi lapho eqala ukusho enye into, waqala ukukhuluma ngezilimi.

16 Nalona, abantu abathathu abangamaFrentshi. . . UmFrentshi wesifazane (omkhulu, owesifazane oqatha, onsundu ngebala, waseLouisiana, angahle ukuba uhlezi lapha kulobubusuku) wakubhala phansi esiqeshini sephepha, ayekushilo owesilisa. Kwase kuthi-ke uVictor La Deaux, umfundisi, wabhala phansi into efanayo; futhi babeqhathanisa amanothi, noma babezowaqhathanisa. Indoda enekhanda elilayithi (ithi ukuba nezinwele ezingemnyama) imi le emuva, iminyene emuva ngakho konke, yeza yenyuka, ifuna ukubona lawomanothi. Yayingumhumushi wesiFrentshi kwiU.N.. Futhi onke amanothi ayefana.

17 Futhi Kwasho lokhu:

> *Ngoba ukhethe lendlela elikhuni ngokuthe xaxa. . . Uyikhethile, u*thathe. . .*uyikhethe ngokuzikhethela kwakho.* (kusobala siyakwazi lokho, uMose wadingeka enze ukukhetha kwakhe)
>
> (kwathi) *Lena yindlela eyiyo du neqinisileyo, ngoba iyiNDLELA YAMI.*
>
> *Futhi i—isinqumo esihle kangaka pho osenzileyo!. . .* (kwathi). . .*Ngenxa yalokhu, isabelo esibanzi seZulu sikuhlalele.*
>
> *Futhi lesi kuso uqobo yilokho okuyokwenza, futhi kwenze kufezeke, ukunqoba okukhulu kakhulu ebuNkulunkulwini boThando.*

18 Onke omathathu kwakufana. Bengicabanga ukuthi benginakho lokho eBhayibhelini lami kulobubusuku, (Ngibhekile phakathi lapho, kodwa bengingakuphethe), ikhophi yasekuqaleni yakho.

19 UDanny Henry akazi. . .njengami uqobo, kul'khunyana ukuthi asazi isiNgisi esihle, kungasaphathwa isiFrentshi. Uma

niqaphela phakathi lapho, kunjengolimi lwesiFrentshi, babeka isenzo ngaphambi kwensizasenzo. Nokuhunyushwa kwakho konke kokuthathu kwakufana ncamashi.

20 UDanny Henry, esikhathini esithize esedlule, wenza... uDanny angahle ukuba ulalele kulobubusuku. UVictor La Deaux mhlawumbe ulalele, ngoba ngiyaqonda ukuthi useTucson. Nani bantu eniseTucson ebandleni, itabernakele, iTucson Tabernakele lapho uMfowethu Green engumelusi khona; uMfowethu Victor La Deaux, ngiyaqonda ukuthi usemhlanganweni wethende onyaweni ngqo lwePark Avenue lapho ihamba iphumele kuHayiweyi 80 iza ngapha. Futhi uma uphandle lapho kusasa ebusuku nangobusuku obulandelayo, noma ngabe uzoba lapho isikhathi eside kangakanani, hambani niyomuzwa; noDanny angahle ukuba unaye. Futhi kungahle ukuthi balalele etabernakele kulobubusuku, angazi.

21 UDanny waya eJerusalema emva kwalokho impela, futhi wathi wayelele lapho ethuneni ebodini...ebhodini lamadwala uJesu ayelele kulo, isidumbu ngaphambi nje kokuvuka kwaKhe. Wayesethi, khona manjalo ngafika emqondweni wakhe; wayesethi waphuma egijima, uqala ukukhala, wase ephumela ngaphandle. Futhi waqondiswa...Ungumuntu owenza izinto ngamadwala; ubaza izinto ngamadwala, bengiqonde ukusho njalo. Wathi waya lapho isiphambano sashayelwa khona phansi, futhi wavele waqathaza...waqhephula iqhezwana elincane ledwala cishe njenge...o, isikwele esiyi-intshi, noma okuthize; walifaka ephaketheni lakhe, futhi kwamhlaba umxhwele ukuliletha ekhaya.

22 Ngenkathi ekwenza, into ethize yathi kuye, "Yenzela uMfowethu Branham ipheya lezigqizo zemikhono yeyembe ngalokho." Ngakho walifaka kuesidi, futhi lashintsha umbala kusuka edwaleni elibukeka ngokwejwayelekile kuya edwaleni eliyitshe elinegazi. Wayesenza izigqizo zemikhono yeyembe.

23 Futhi ngenkathi enginika zona, wayengakuqaphelanga, khona impela maphakathi nazozombili izigqizo zemikhono yeyembe kuhamba kuqonde, umusho oyingcingo. Ngizifakile kulobubusuku, ukukhulekela abagulayo. Niyabo, u—umbala wetshe elinegazi, njengegazi elivuzayo; noqondile, umugqa omncane odabula ngqo. Sona impela nje isiprofetho sakhe esakushoyo, "indlela eqondile neyingcingo"; niyabo, esiprofethweni. Ngamkhombisa khona.

24 Danny, uma ulalele, wena noma uMfowethu La Deaux, omunye wenu, kulobubusuku kuzoba ngubusuku obuyifeshini endala nxa sizokhulekela abagulayo. Ngiyajabula ukuba ngihambe lendlela eqondile, eyingcingo, indlela yeVangeli, indlela yeZwi, neNkosi yethu uJesu Kristu.

25 UNkulunkulu anibusise nonke. Manje, nibahle kakhulu ukuba kukhulunywe nani, ngizokhuluma isikhathi eside nje

futhi ngizoba nani lapha isikhathi eside kakhulu. UBilly uthe kukhona abantu abaphakathi kwamakhulu amathathu namane abazokhulekelwa, ngakho ngizofanele nje ngisheshise ngomlayezo wethu ngokukhulu ukushesha okunokwenzeka, bese-ke ngikhulekela abagulayo.

26 Manje, kubantu abaseArizona, ebusuku bangoMgqibelo ozayo, singale e (angisalikhumbuli igama lalelodolobha) iYuma, eArizona, edilini. Ngakho manje-ke, eCalifornia, silandela siqhubeke ngqo ekuseni ngeSonto, siye eLos Angeles nezindawo okubikezelwe ukuthi kube lapho.

27 Kulobubusuku, ngifuna ukuthatha indikimba emBhalweni.

28 Kambe, bengihlezi ekhefi namhlanje, iKhefi likaMorrison; uMfowethu Jack, umkakhe nami nomkami. Siwelele eKhefi likaMorrison ukuba sibe nesikhathi esincane sindawonye, kade sagcina ukuphuma, abesifazane babengakaze babendawonye. Bekukhona umfo osemncane onyuke weza kimi, igama lakhe nguGreen, unguyise kaMfowethu Pearry Green. Wayesethi, "Uyazi, Mfowethu Branham, wawukhuluma ngo 'johnny pin' ngobunye ubusuku." Lokho ngempela yi . . . Kuyini na? UBobby pin. Wathi, "Wathi ubukhuluma ngo 'johnny pin,'" wathi, "Ngikuphathele u'johnny pin.'" Unginike wona.

29 Manje, lowo ngu "johnny pin," manenekazi, lokho ngeke kusebenze ezinweleni. U "johhnny pin," uthe—uthe kade ewusebenzisa iminyaka, ukubamba amakhasi eBhayibheli lakhe awacindezele. Ngakho uthe, "Ngizokunika owangoqobo u 'johnny pin.'" Ngakho, Mfowethu Green, uma ukhona lapha ndawondawo noma ulalele, lowo "johnny pin" muhle kakhulu, ukulibamba kahle nje.

30 Manje sifuna ukungmanjeena emiBhalweni ngqo. Futhi ngifuna niphenye kanye nami manje emaHubweni 55, bese-ke kuba futhi kuMathewu 3. Nendaba yami kulobubusuku bekuyisihloko sikaMfowethu Ernie: *EmaPhikweni EJuba eliMhlophe-njengeQhwa*. Manje, ngeke ngikwazi ukushaya onke amanothi nemiBhalo enginayo lapha, ngoba ngizothi nje ukweqa emibalwa yayo, nangenxa yokuthi ngethembise umlayezo.

31 INkosi ithanda, okwaseYuma ngoMgqibelo ozayo ebusuku, ngifuna ukushumayela ngokuthi: *IZimo ZoHlwitho* uma iNkosi ithanda.

32 EmaHubweni 53 . . . Ngiyaxolisa, amaHubo 55.

*Lalela* . . . (Angizwa? 55, yebo, mnumzane)

*Lalela O Nkulunkulu; . . . umkhuleko wami ungazifihli ekunxuseni kwami.*

*Ngizwele, ungiphendule: Ngiyayaluza ekukhaleni kwami, ngiyabubula;*

*Ngenxa yezwi lesitha, ngenxa yokucindezela komubi: ngokuba bagingqela okubi phezu kwami, bangizingela bethukuthele.*

*Inhliziyo yami iyathuthumela phakathi kwami:* ivuso *okufa angehlele.*

*Ngifikelwe* ukungabi naluvalo, *nokuqhaqhazela, ngikhwelwe ngukwesaba okukhulu.*

*Besengithi, O sengathi ngingaba namaphiko njengejuba! ngabe ngindizela ekudeni, ngihlale khona.*

*Bheka, bengiyakubaleka ngiye kude, ngingenise ehlane. Sela.* (*Sela* kuchaza ukuthi "Amen")

33 UDavide, umthandi wehlane, lapho eba nosizi nabantu bengamkholwa, nezitha zazifike phezu kwakhe, wathi, "Ukuba nganginamaphiko ejuba, ngangiyondizela ehlane ngifike ngingenise khona." Kukangaki ngicabanga leyonto efanayo! Ukuba bengingathatha isibhamu sami obondeni, isikhwama sami sokukhempa, ngiphumele ehlane futhi ngingaphinde ngibuye futhi. Ngicele iNkosi uma ngingaphila ukuba ngibone usuku. . . Angiyifuni neze inkonzo yomngcwabo, ngathi, "Uma nje ngingahamba ngingene ehlathini ndawondawo, ngeyamise u 'Blondie' omdala esihlahleni, . . . "

34 Leso yisibhamu sami, ngiyaxolisa, ngi—ngi—ngisho lokho ngesizathu somkami ohlezi laphaya. Niyazi, lesosibhamu uMfowethu wangipha sona eminyakeni eyedlula, sengabulala umhlambi ongamashumi amahlanu wezinyamazane ngaso, ngingagejanga ukudubula, ezinye zazo emayadini angamakhulu ayisikhombisa kuya kwayisishiyagalombili. Ngisibiza ngo "Blondie" ngoba umkami unezinwele ezinsundu, ngakho wathi ngicabanga kakhulu ngesibhamu kunoma ngenza kuye. Kodwa . . .

35 Ngakho, ngi—ngingathanda ukuseyamisa esihlahleni, futhi ngithi, "Nkosi, uJosefa makasithole ngolunye usuku." Ngithanda ukuthatha amaphiko ejuba ngindizele kude.

36 Kodwa nje njengakwesinye isikhathi phezulu ezintabeni futhi ngibukela ukhozi, futhi ngilubona lundizela kude (niyayazi indaba yami ngalo), ngathi, "Kuhle ukuba lapha, Nkosi; njengoPetru wathi, 'besingakha amadokodo amathathu.' Kodwa phansi onyaweni lwentaba, abagulayo nabahluphekile balindile, abalahlekile nabafayo balindile." Ngakho masenze lokho esingakwenza kusesemini, futhi ngolunye usuku kuyobakhona a. . . amaphiko oKhozi olumhlophe ayokwehla, Luyosithwala sihambe.

37 Manje kuMathewu 3:16, ngithanda ukufunda kwele 16 nele 17.

*UJesu esebhaphathiziwe,* masinyane wakhuphuka *emanzini: futhi, bheka, amazulu amvulekela, wabona*

*uMoya kaNkulunkulu ehla njengejuba, eza phezu kwakhe:*

*Futhi bheka kwavela izwi ezulwini, lithi, Lo uyiNdodana yami ethandekayo, engithokozile ngayo.* (Ngamany'amazwi, "engithokozile ukuhlala kuyo.")

38 Manje sifuna ukukhuluma imizuzu embalwa ngalenyoni. Ijuba belihlala njalo lingenye yezinyoni zami engizithandayo. Futhi ukucabanga ngejuba, ijuba ngempela . . . ivukuthu yinyoni efanayo. Ivukuthu yijuba elifuywayo. Omabili awomndeni ofanayo. Ngike ngawubuka ngumndeni ofanayo. Ivukuthu nejuba, omabili awomndeni owodwa. Imikhuba yalezizinyoni igqame kakhulu.

39 Ngashumayela lapha, eminyakeni ethize embalwa eyadlula, emhlanganweni wethende phandle lapha noMfowethu Moore, ngokuthi: *IWundlu NeJuba*. Ngiqagele nonke niyakukhumbula lokho; nokuthi ijuba liyinyoni ehlanzeke kakhulu kanjani ukwedlula zonke esinazo, newundlu liyisilwane esimnene kakhulu ukwedlula zonke esinazo. Zombili yinyoni nesilwane somhlatshelo.

40 Kufanekiswe kahle kanjani lapha njengoJesu eyiWundlu, noNkulunkulu eyiJuba. Nejuba lalingeke lihlale phezu kwempisi, imvelo yayo ayilungile. Lalingeke lihlale phezu kwenja, imvelo yayo ayilungile. Lalifanele libe phezu kwewundlu; izimvelo ezimbili zazifanele zifane. Futhi yingaleyondlela esifanele sibe yiyo, izimvelo zethu ifanele iguquke ekubeni yisoni esibhodlayo iye ekubeni yiwundlu elimnenene.

41 Futhi nike naqaphela ukuthi iJuba lahola iWundlu na? Futhi qaphelani, iWundlu lilahlekelwa yikho konke Elalinakho kwaya eJubeni. Futhi bukani ukuthi iJuba laLiholela kuphi: ekubethelweni ngenxa yezono zethu sonke.

42 Manje, iJuba lo . . . UNkulunkulu wayefuna ukufanekisela iNdodana yaKhe, Yafanekiswa ngesilwane esihlanzeke nesimnene kakhulu ukwedlula zonke emhlabeni, isilwane esihlala emhlabeni; kodwa lapho uNkulunkulu Ezifanekisa yena emazulwini, kwakungenyoni emnene nehlanzeke kakhulu kunayo yonke ekhona emazulwini, ijuba.

43 Manje, amajuba awafani, kuningi ukungafani okwehlukene kwawo. Ngokwejwayelekile ihobhe lethu liwuhlobo lwenyoni ebukeka impunga. Bese kuthi-ke kukhona ijuba elililayo, bese kuthi-ke kubekhona ijuba lakusihlwa. Kukhona futhi ijuba elinomsindo ojulile esinalo ekhaya, lingomncane, umfo ompunga; omncane, umfo omncanyana onemishwe ebomvu emaphikweni akhe. Kukhona izinhlobo eziningi ezehlukene zamajuba, futhi awafani ngemibala. Kanjalo kukhona into efanayo nasemavukuthweni.

44 Manje, ijuba liyijuba elakhiwe inqaba kabi, ngenxa yomkhuba walo ukuthi ngeke ladla noma yini olungahlanzekile; nje lali ngeke lakwenza, ngoba alikwakhelwe.

45 Manje, bengihlala njalo ngikhuluma ngejuba liyisifanekiselo sikaNkulunkulu, negwababa liyisifanekiselo somzenzisi. Igwababa lingahlala phandle esidunjini esidala esifileyo futhi lidle, usuku lonke, futhi lisuke lindizele ensimini futhi lidle ukolo kanye nejuba. Kodwa ijuba lingadla ukolo kahle, kodwa ngeke ladla isidumbu esifile. Niyabo? Ngeke lakwenza nje, ngeke lakubekezelela. Futhi ngangimangala ukuthi kungani lalingakwenzi; zombili ziyizinyoni, izinyoni zombili. Kodwa kungani na? Kungukwakheka kwazo.

46 Futhi yileyondlela okuyiyo ngomKristu wangoqobo. I… umKristu wehlelo nje angathatha nje noma yini, kodwa owangoqobo, umKristu ozelwe ngokusha angezithathe izinto zezwe. Wakhiwe ngokwehlukile.

47 Ngathola ukuthi ijuba alinanyongo. Akukho-nyongo ejubeni, ngoba aliyidingi.

48 Ngakho yileyondlela okungayo ngomKristu, akadingi-kubaba, niyabo, ngoba angadla kuphela ukudla kukaNkulunkulu. Futhi akuthathi-kubaba ukuncibikalisa lokho; kuthatha uthando, niyabo, ngakho u…ukuncibikalisa ukudla. Ukubaba: "O," bathi, "awu…" bayehluka kuKho. Kodwa uthando njalo liyaKwemukela, iZwi likaNkulunkulu.

49 Manje, alinanyongo, ngakho ngakho-ke belingeke… kuphambene nje nalo ukudla noma yini embi. Futhi uma belingakwenza, bekuzolibulala. Kodwa akukho-ngozi, alizukukudla (hhe-e), ngoba alinakho ukukuhahela.

50 Futhi yileyondlela ngomKristu wangempela. Benazi yini umKristu wangempela akanaso ngisho noma yisiphi isono nhlobo esibalelwa kuye na? UDavide wathi, "Ubusisiwe umuntu uNkulunkulu angayikumbalela isono." Uma ugezwe eGazini leWundlu (hhayi ngokuzenzisa, kodwa ngempela i—iGazi leWundlu), uNkulunkulu akakubaleli noma yini eyenziwe, ngoba wena uphansi kweGazi futhi Akakuboni. Kukhona umhlatshelo weGazi; into kuphela Angayibona ukuyo, yindlela Akubona ngayo ngaphambi kokusekelwa kwezwe ngenkathi Efaka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Yilokho kuphela Angakubuka, ngoba uhlengwe kuyo yonke into eyake yenziwa, ugezwe eGazini leWundlu. Ngakho-ke akukho-nyongo kuwe, akukhomkhuba ongahlanzekile kuwe, ngenxa yokuthi iGazi leWundlu lenze lokhu; noNkulunkulu angebalele isono kuwe emva kokuba usunomnikelo wesono ulele lapho ulindele wena.

51 "Awu," wena uthi, "lokho kunginika inqwaba yendawo-ke, Mfowethu Branham, ngingenza engifuna ukukwenza." Ngikwenza njalo; njalo. Kodwa lapho umuntu ngempela

engabona lokho uJesu amenzele khona, bese eyajika bese enza into ephambene naYe, kukhombisa ukuthi akakaze amemukele uKristu.

52 Nginonkosikazi omncane ohlezi emuva lapho. Ungaphansi kwami ngeminyaka eyishumi, futhi umpunga njengoba nami nginjalo. Isizathu ngukuthi ume phakathi kwami ne—nezwe elingaphandle. Uma bengiya phesheya kwezilwandle, futhi ngi . . . Lolu bekungebe ngolunye uhlobo lomndeni ukuphila kulo, uma ngizoqoqa umndeni wami ungizungeze bese ngithi: "Buka la, Nkk, Branham, ufanele uqonde ukuthi unguNkk. William Branham. Awuyikuba namanye amadoda ngenkathi ngingekho. Ungabuki ngamehlo anothando kunoma yiyiphi enye indoda," nazo zonke lezizinto. "Ungaqomisani nhlobo. Uma ukwenza, uma ngibuya ngizokwehlukanisa nawe."

53 Bese ejika bese ethi, "Manje, ndoda yami enhle, nami kukhona engifuna ukukutshela khona. Awuyikuphuma nanoma yimuphi omunye wesifazane ngenkathi usahambile. Awuyikukwenza *lokhu* na *lokhuya*. Uma ukwenza, zithathe nje njengosehlukanisile uma usubuyela ekhaya."

54 Manje, bekungebe ngumndeni othandekayo lowo na? Niyabo? Qhabo! Uma ngimthanda ngempela . . . Noma ngikholwa ukuthi uma ngenze iphutha futhi ngathi shelele ngase ngenza okungalungile, ngikholwa ukuthi ubengangithethelela ngakho ngoba uyangithanda. Futhi uma ekwenzile, ngikholwa ukuthi bengingamthethelela ngakho; impela, ngoba ngiyamthanda. Kodwa uma ngimthanda kanjalo, inqobo nje uma ngimthanda kanjalo akanakukhathazeka. Nakuba ubengangithethelela, ngeke ngamlimaza ngalutho. Ngi—ngi—ngingazizwela ngingumfo onecala kunabo bonke ezweni, bengingelinde-mzuzu bengizomtshela ngalokho engikwenzile, ngoba ngiyamthanda. Awu, lokho yi . . . Uma ngimthanda ngothando i *phileo* kanjalo, belungaba lukhulu kangakanani uthando lwami i *agapao* kuJesu Kristu na?

55 Nakuba ngingabhema usikilidi, angikaze empilweni yami; kodwa nakuba bengingawubhema, Ubengangithethelela ngakho, ngikholwa ukuthi Ubengangithethelela. Uma ngithathe isiphuzo, angikaze empilweni yami, kodwa ngikholwa ukuthi Ubengangithethelela ngakho. Futhi ngiMthanda kakhulu, (Nkulunkulu, ngisize) angifuni kwenza lutho olunjalo; niyabo, ngoba ngiyaMthanda. Leyonto isihambile kimi, ngoba ngenkathi Engiguqula ekubeni yigwababa ngiya ekubeni yijuba kwenza umehluko, ukuhahela kwami nezinto kusukile kimi; manje-ke isono asibalelwa kimi ngoba angihlosile ukusenza, akukho kimi ukusenza.

56 Manje enye into enkulu mayelana nalelijuba. Liyinyoni exakile. Senake nazibona zonke izinyoni . . .

57 Enye yezinyoni zami engizithandayo yirobini. Manje, nina bafana yekani ukudubula amarobini ami, niyabo, ngoba angifuni nikwenze lokho. Irobini lami, niyazi ukuthi lasithola kanjani isifuba salo esibomvu na? Niyazi, ngelinye ilanga kwakukhona uMuntu owayefa esiphambanweni, akukho-muntu owayengaMsiza, uNkulunkulu wayesemshiya uMuntu, futhi Wayefa. Izandla zaKhe zazinezipikili kuzo, izinyawo zakhe nohlangothi lwakhe kopha, umqhele ekhanda laKhe nameva, igazi ligobhoza ebusweni baKhe. Futhi kwakukhona inyoni encane eyayedlula, encane, inyoni ensundu. Futhi yakubuka lokho, kwaku. . .yacabanga ukuthi kwakuyinto ebukeka idabukisa kakhulu eyake yayibona. Futhi yayazi ukuthi yayiyinyoni encane nje, kodwa yabuka lezo ezinkulukazi, izipikili ezindala zonya zamaRoma zibethelwe ezandleni zaKhe, futhi yandizela khona ngomlonyana wayo futhi yazama ukuzibhoncula. Yathola isifuba sayo sesibhukude sonke egazini, kusukela lapho sibebomvu. Ngifuna isifuba sami sivikeleke ngeGazi laKhe, nami, ngiLivikela uma ngiza ukuzohlangana naYe. Ngiyayithanda irobini encane.

58 Kodwa, niyabo, irobini encane ifanele igeze umzimba; kodwa, niyazi, ijuba alidingi ukukwenza; qhabo. Linohlobo oluthize lwamafutha ngaphakathi kulona eliligcoba ngamafutha futhi liligcine lihlanzekile kusuka ngaphakathi kuya ngaphandle. Niyakwazi lokho na? Ijuba linawo! Ijuba lizigcoba lona ngamafutha. Senake nalithatha elilodwa, nihogele lelophunga elikulo, ivukuthu noma okuthize na? Law o ngamafutha avezwa ngaphakathi kulo. Umzimba walo ukhiqiza indlala yamafutha agcina izimpaphe zalo zihlanzeke njalo ngaphandle ngoba lihlanzeke ngaphakathi kuphumele ngaphandle. Kunjalo. Liyinyoni encane eyisimangaliso.

59 Manje, ngiyazi ningawazingela lapha, ngiyacabanga, eLouisiana. Ningakwenzi lokho! O, bengingeke ngakwenza. Ngiqagele ukuba bengilambile, bekuzolunga, kodwa bengingeke nga—ngavele nje ngidonse ingcipho yesibhamu kwelilodwa uma bengingakwenza.

60 Kukhona i. . .Ijuba linento enkulu eyinqaba emndenini wakithi. Ngelinye ilanga ngenkathi ugogo wami. . .Uvela enhla lapha eKentucky, esabelweni sama Cherokee. Wayefa, owesifazane omncane, futhi waye. . .Babene. . .Ngicabanga ukuthi bakubiza ngomchoboko umzimba omubi noma okuthize, wayefa. Nomkhulu waguqa phansi eceleni kombhede; ngenkathi uMama, uAnti uBirtie, uAnti uHowlie, bonke beguqe bazungeza umbhede; uMalume uCharlie, (omncanyana, umfana oneminyaka emine ubudala) ingane; uMama, onguyena omdala kubo bonke, eneminyaka cishe eyishumi nambili, ubudala. Futhi wayekame izinwele zakhe ezimnyama zeluleka embhedeni, futhi waqala ukucula, “Dwala leMinyaka, ngivulekele, mangicashe kuWe,” ngenkathi efa. Umkhulu, ngalesosikhathi, wangesuye

umKristu. Ngambhaphathiza eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa ubudala, eGameni likaJesu Kristu, onyaweni lomfula lapho lapho iNgelosi yeNkosi yabonakala khona.

61 Kodwa ngenkathi esacula leliculo, nezandla zakhe ezincane ezintengentenge ziphakeme emoyeni, ijuba landiza langena emnyango; lafika lazungeza, lahlala phezu kombhede, laqala ukukhala. UNkulunkulu wawuthatha umphefumulo wakhe.

62 Ngawelela eLandani, eNgilandi noMfowethu Jack kanye noMfowethu Gordon Lindsay, futhi kwakukade kukhona owesifazane ogama linguFlorence Nightingale (ozisho ukuthi, ngiyacabanga, ungumzukulwane kamzukulu noma okuthize kaFlorence Nightingale osewashona) owangibhalela izincwadi eziningi. Wayesezansi eNingizimu Afrika, ebulawa ngumdlavuza. Futhi wayenesithombe; nisibonile encwadini. Angikaze ngisibone isidalwa esisazokufa esinjalo empilweni yami. UMfowethu Jack, ngikholwa ukuthi, wayenami ngalolosuku. Saya endlini yomfundisi, endlini yomphathisifunda wasesheshi, ngemuva nje kwesonto lapho ababemlethe khona.

63 Kwathi sisengaphandle e. . . lapho indiza yehla, basibiza ngombhobho, futhi wayekwiambulense lapho ngalesosikhathi; wayendiziswe esuka—esuka ezansi eNingizimu Afrika, azi ukuthi ngangiza eNgilandi ngalesosikhathi. Umfundisi wamthatha wamyisa endlini yomphathisifunda wasesheshi, ngakho sabuyela lapho ukuba simkhulekele.

64 Ngibone izinqwaba zabantu abagulayo, kodwa izingalo zakhe ezincane zazingabukeki zingaphezu kwe intshi ukunquma, ithambo lekhanda lakhe—lakhe lapho lihlangana khona, wawulibona. Futhi u. . . izitho zakhe phezulu lapha ngasezinqulwini zakhe, kakungengaphezu kwa*lokho*, cishe ama intshi amabili ukunquma, ithambo nje. Futhi wayengakwazi ukuphakamisa izandla zakhe, wayebuthakathaka kakhulu ukuthi aphakamise izandla zakhe. Futhi wayezama ukusho into ethize, futhi angimqondanga. Futhi kwathi ekugcineni sengizwa, ngikholwa ukuthi ngonesi, wathi, "Mfowethu Branham, khuleka ukuba uNkulunkulu angivumele ngife." Wayengasa. . . ngafuni ukuphila. Futhi ngaqaphela, nezinyembezi zazehla eceleni kulelothambo ebusweni bakhe. Ukuthi wayewuthathaphi umswakama owenele mayelana naye ukuba akhale, angazi; ngokuba imithambo yakhe yayisinabalele, futhi wayesesimweni esibi kakhulu. Ngizela ukuzokhulekela abagulayo, angikwazanga ukuthi ngimkhulekele ukuthi akafe. Kodwa wayebukeka nje sengathi akafi, wayelokhu elibala nje.

65 Ngaguqa phansi nomelusi wakho, ekamelweni ukuba sikhuleke. Futhi ngenkathi ngiguqa phansi ukuba ngikhuleke, ijuba elincane landizela ngasefasteleni; liqala ukukhala.

Sengiqedile ukukhuleka, ngangicabanga ukuthi kwakuyijuba elifuywayo lapho ndawondawo. Kunenkungu ngaphandle, injalo iNgilandi, iziQhingi zaseBritane lapho. Nalelijuba elincane layeka ukukhala, lase lisuka lindiza. Ngawelela lapho ngase ngibeka izandla zami phezu kwakhe ngase ngibiza iGama leNkosi. Nowesifazane usengomkhulukazi, oqinile owesifazane ophilile namhlanje, emaphikweni eJuba.

66 Lizigcina lihlanzekile ngaphakathi. UmKristu uyakwenza naye lokho, uhlanza ngaphakathi. Lokho kuvimbela inhliziyo embi. . . Alidingi-nyongo yokugaya noma yini, ngoba aliyidli. Niyabo? Lihlanzeke ngaphakathi kuphumele ngaphandle.

67 Manje, siyaqaphela ukuthi lenyoni. . . Izinto eziningi nginazo zibhalwe phansi lapha, kodwa iwashi elikhulu lilokhu lihamba lijikeleza. Lenyoni yayisetshenziswa futhi eTestamenteni eLidala kube wumhlatshelo, kwenzelwa ukubuyisana nokuhlanza. Ake sibhekisele nje lapha kwelilodwa kuGenesisi 15:9. Ake sicabange ngalelivesi nje okomzuzwana. Manje, uAbrahama waye. . . wabuza uNkulunkulu lapha, ukuthi Wayezokwenza kanjani lokhu. NoNkulunkulu wenza iZwi laKhe libuyele kuAbrahama, futhi Ukwenza ngendlela exakile. Kuqala cishe nge. . . Asiqale evesini 1, angifuni ukukujaha lokhu.

> *Emva kwalokhu kwafika izwi leNKOSI ku*Abrahama *ngombono lithi,*. . . (Niyabo, uAbrahama wayengumprofethi, ngakho wabona imibono.). . . *Ungesabi,* Abrahama: *ngiyisihlangu sakho, umvuzo*. . . *kakhulu.* (uJehova-nissi, niyabo.)
>
> *Kepha* uAbrahama *wathi,* Lo-. . . *wathi, Nkosi Nkulunkulu*. . . (qaphelani, uhlamvu olukhulu uL, "Nkosi Nkulunkulu." Elohim! Niyabo?). . . *Nkosi Nkulunkulu,*. . . (embonweni). . . *uyakungiphani, ngihamba ngingenamntwana, indlalifa yendlu yami inguEliyezeri waseDamaseki?*
>
> *UAbrama wathi futhi, Bheka, awunginikanga-nzalo: futhi, bheka, inceku yendlu yami iyakuba-yindlalifa yami.*
>
> *Bheka, izwi leNKOSI leza kuye, lathi, Lona akayikudla ifa lakho*;. . .
>
> Esemenzele isithembiso, niyazi. Hhayi. . . Niyabo, ngayo leyonkathi uAbrahama wayezokwehluleka, kodwa isithembiso asinambandela; isivumelwano, asinambandela.
>
> . . . *kepha oyakuphuma ezibilinini zakho uyakudla ifa lakho.* (Futhi useneminyaka eyikhulu ubudala manje.)
>
> *Yamphumisela ngaphandle, yathi, Bheka ngase*mazulwini, *ubale izinkanyezi, uma ungazibala:*

*yathi kuye, Kuyakuba njalo inzalo yakho.* (Umuntu ongenamntwana, futhi manje useneminyaka eyikhulu ubudala.)

*Wakholwa yiNKOSI;* wabalelwa lokho kwabangukulunga.

Yayisithi kuye, ngiyiNKOSI eyakuphumisa e*Uri*, lama Chaldeans, *ukuba ngikunike izwe libe-yifa lakho.*

*Wathi* kuYo, Lo-. . .*Nkosi*. . .noma *Nkosi*. . . *ngiyokwazi ngani ukuthi ngiyakulidla na?*

68 Manje lalelani lokhu.

*Yathi kuye, Ngithabathele isithokazi esineminyaka emithathu, nembuzi eyinsikazi eneminyaka emithathu,*. . .(bhekisisani okuthathu manje, "iminyaka emithathu ubudala"). . .*nenqama eneminyaka emithathu, nehobhe, nephuphu lejuba.* (bobabili abantu abafanayo, kokubili into efanayo. Niyabo, kwasetshenziswa emhlatshelweni ukuthi wayekhombisa ngesithunzi uJesu)

69 Isivumelwano senziwa. . .Niyazi, ukuthi uziqhekeza kanjani, nokuthi lokhu kukanjani. . .

70 Noma izikhathi ezindala, ngenkathi bethatha. . .benza isivumelwano, babethatha futhi babhale u—ukuvumelana. Bese bebulala isilwane, bame phakathi kwaso; badabule isivumelwano kabili, umuntu oyedwa athathe ingxenye eyodwa. . .

71 Njengelondolo yamaShayina yayivamise ukukwenza. UmShayina lapha, wayengakwazi ukubhala isiNgisi, ngakho wayebhala lapho bese edabula isiqephu sephepha bese ekunika ingxenye. Futhi ni—niyakhumbula amalondolo amaShayina esavame ukwenza lokho. Futhi ni. . .amachopho awo—awo ayefanele aqhathaniseke, ukuba uthole izingubo zakho. Niyabo, wawungeke umenze isilima, ngoba wayenelinye ichopho lalo. Wawungahle uphinde wenze ikhophi yegama lakho, kodwa ungeke ulidabule lelophepha. Niyabo? Ngakho, wayene. . . kwakufanele kube yisiqephu sephepha esifanayo.

72 Ngakho yileyondlela abekwenze ngayo ngezinsuku zaseMpumalanga, kude. . .noma kudala ngezinsuku zangaseMpumalanga. Babebulala isilwane, bame phakathi naso, badabule isiqephu sesikhumba sembuzi sehlukane, omunye athathe esisodwa. . .Futhi ngenkathi isivumelwano siqiniswa, babehlanganisa iziqephu ndawonye futhi zazihlangana okwesisila sejuba nje ncamashi.

73 Manje, amkhombisa khona uNkulunkulu lapha yilokhu, kulemihlatshelo, kukhuluma ngoKristu; uNkulunkulu wamthatha kanjalo-ke uJesu emyisa eKalvari futhi waMdabula wamehlukanisa, wase emukela umzimba phezulu eZulwini

wase ethumela uMoya phansi phezu kwethu, ukuthi uMoya ofanayo owawuphezu kwaKhe ufanele ube phezu kwenu ukuba uhlangane okwesisila sejuba noMzimba, ukuba kube nguMlobokazi esikhathini sokugcina. Niyabo? Niyabo? Kunjalo. Niyabo? Ngeke kube yihlelo, manje. Kuzoba yiZwi, lokho Ayeyikho. Niyabo?

74 Kodwa njengaleloZwi lizofanele lize eZwini, njengengqamuzana lokuphila esidalweni esingumuntu. Niyazi, uma umzimba wakho—wakho wakhiwa, akusilo ingqamuzana elilodwa lomuntu, elilandelayo elenja, nelilandelayo elengulube: O, qhabo, qhabo. Lonke yingqamuzana lokuphila lomuntu. Yileyondlela uMzimba kaKristu oyiyo, *lonke* iZwi likaNkulunkulu. Hhayi nje ingxenye yaLo, Isiko elithize elinezelwe kuLo; qhabo, *lonke* linguMzimba kaKristu.

75 Manje, siyathola lapha ukuthi wasebenzisa kokubili ihobhe nephuphu lejuba, ngoba angumndeni uqobo lwawo. Manje, nihlala njalo . . .

76 Ngakho qaphelani (ngibhekisela nje kulemiBhalo ethi ayibe mibili) uLevitikusi 12, nevesi 6. Siyathola lapha ukuthi uhlelo lowesifazane ehlanjululwa; uma owesifazane wayekade enengane, wayedingeka ukuba alinde. Uma kwakungumfana, wayefanele alinde izinsuku ezingamashumi amathathu-nantathu ngaphambi kokuba angene ebandleni namajuba, ukuba ahlanjululwe. Uma wayenentombazane, wayedingeka ukuba alinde izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha ngaphambi kokuba angene ebandleni.

77 Manje siyathola lapha, ivesi 6.

> *Nanxa seziphelile izinsuku zokuhlambuluka kwakhe, ngomfana, noma ngentombazana, makalethe iwundlu elinomnyaka munye libe ngumnikelo wokushiswa, nephuphu lejuba, noma ihobhe, libe-ngumnikelo wesono akulethe ngasemnyango wetende lokuhlangana, kumpristi:*

78 Niyabo, akakwazi ukungena okwamanje ngoba izinsuku zakhe azikapheli, kodwa anganika lokhu kum—mpristi emnyango, kube ngumnikelo wakhe. Niyabo, kube yihobhe noma iphuphu lejuba. Omabili angumndeni ofanayo.

79 Manje kwa—manje kwakusetshenziselwa ukubuyisana, ekubuyisaneni ngesono, ijuba elilodwa. Noma kochoko, oluyisifanekiso sesono, wawuletha amajuba amabili: ikhanda lelilodwa lalinqunywa, libhekiswe phansi bese lophela kwelinye; bese-ke elinye ijuba likhululwe. Futhi uma ijuba lindiza, lalibhukudisa umhlabathi ngegazi lomata walo, negazi limemeze kuNkulunkulu, "Ingcwele! Ingcwele! Ingcwele iNkosi uNkulunkulu!"

80 Animboni umata ofayo uJesu Kristu na? Wabulawa futhi wafafazwa phezu kwethu, ukuba sihambe sikhululekile,

simemeza "Ingcwele! Ingcwele! Ingcwele! iNkosi." Imifanekiso emihle kanje pho. Ngifisa sengathi ngabe benginephimbo.

81 Manje kufanekisa uMoya oNgcwele omkhulu njengoba sisanda kufunda nje eSambulweni 3:16; lalisetshenziswa wuNkulunkulu kube yizibonakaliso, lelijuba lalinjalo.

82 UNowa wanikezwa isibonakaliso, njengoba umfowethu usanda kucula ngakho nje. UNkulunkulu wacunuka, futhi kwakungekho-lutho olwaluzomela ulaka lwaKhe, ngokuba Wathi, "Mhla niwudla, niyofa ngalolosuku." NoNowa wayefumene umusa kuNkulunkulu futhi wayakhe umkhumbi ngokokwakha . . . iziyalo, njalo, Ayemnike zona. Futhi wayekade entante ngaphezulu.

83 Sengathi ngiyayibona eyakhe . . . kwenzekani ngalezozinsuku ngenkathi bethi, "Lelikhehla phezu kwegquma, uhlanya oludala, lakha umkhumbi, lithi 'lizokuna,' futhi alikaze line." Kodwa li . . .

84 UNowa wathi, "Lizokuna, noma ikanjani."

85 Manjena-ke ngiyalwazi usuku angena ngalo, ngicabanga ukuthi ku . . . angisacabangi ukuthi kwakuyiluphi, ngikholwa ukuthi ngosuku lweshumi nesikhombisa lukaMeyi. UNowa wangena emkhunjini, noNkulunkulu wavala umnyango.

86 Namafu aqala ukuza, izimvula zaqala ukwehla, amapayipi okuthutha aqala ukugcwala phama, imithombo yolwandle yabhoboka, iziphethu zonke zafuqa amanzi azo. Ekugcineni abantu bangena ezindlini, bakhwela phezulu. Umkhumbi omdala wahlala khona lapho ngokufanayo nje.

87 Emva kwesikhashana lapho okwenele sekuqala ukuwuzungeza, uqala ukukhuphuka uyaphezulu uya phezulu. Abantu bangqongqoza eminyango futhi bakhala, kodwa aku—akusizanga, uNowa wayengakwazi ukuvula umnyango. UNkulunkulu wawuvala, uNkulunkulu nguye kuphela ongawuvula.

88 Kunjalo naseMkhunjini wethu, uJesu Kristu; uNkulunkulu wasivulela umnyango eKalvari, Uyowuvala nje impela njengoba Awuvula.

89 Futhi wantanta, njalo njalo, mhlawumbe ngokujule ngemayela phezu komhlaba ngenkathi lomhlaba uketuka endleleni . . . e—e . . . umkhondo wokuhamba kwawo ovamile. Futhi wahamba uzungeza uzungeza, nezinqamu, nezihlahla, naphezu kwezintaba kanjalonjalo, uyendezela izinsuku ezingamashumi amane nobusuku.

90 Futhi lapho imimoya iqala inqamuka . . .

91 Ulaka lukaNkulunkulu luyesabeka. Uthando lwaKhe lumsulwa futhi lungolobuNkulunkulu; nolaka lwaKhe lungolobuNkulunkulu nje—nje lungolobuNkulunkulu njengoba uthando lwaKhe lunjalo, ngoba, Ufanele akhiphe isahlulelo

ngoba Ungumahluleli. Ungumnikezeli-mthetho, nomthetho ngaphandle kwenhlawulo awusiwo umthetho. Ngakho kufanele kube nenhlawulo emthethweni. Futhi weqa imithetho kaNkulunkulu, yingaleyonkathi okhokha ngayo inhlawulo.

92 Manje siyaqaphela ukuthi emva kokuba uNowa esentanta phezulu lapho, akungabazeki ukucanuzeliswa wulwandle kukho konke lokho kugubha nokuqhuma, nolaka lukaNkulunkulu lufihliza futhi luphihliza, nokukhala kanjalonjalo. Kwase-ke kuqala ukubohla, akwenzekanga lutho. Kwedlula izinsuku, akwenzekanga lutho. Mhlawumbe ukunikezwa kokudla kwezilwane kanjalonjalo kwehla, akwenzekanga lutho. Ngakho wacabanga, "Ngiyamangala . . . Angikwazi ukubona ngaphandle."

93 Umkhumbi wawakhiwe ngangokuthi (uma uke waba kuwo), kwakukhona ifastela elilodwa kuphela kuwo, futhi lalisokhakhayini ngqo. Wawungeke ukwazi ukubheka nhlanye, wawungeke ukwazi ukubheka-ndawo kuphela phezulu ngqo. Yileyondlela uMkhumbi, uJesu Kristu, ayiyo. Ungeke wabheka umfo oseceleni, ungeke wabheka lutho ngaphandle kukaKristu uma useMkhunjini ngoba munye kuphela umnyango, futhi UyilowoMnyango esikhulume ngawo ngalokhu ukusa. Ufanele uhlale ubheka phezulu. "Ngokuba lowo obeke isandla sakhe egejeni ngisho nokuphenduka abheke emuva, akafanele ukulima."

94 Manje, njengakulomkhumbi . . . Futhi wayekwazi ukubona ukukhanya, futhi mhlawumbe nokukhanya kwelanga, kodwa wamangala ukuthi ingabe wayekuphi. Umkhumbi wawusalokhu untanta, wayewezwa amagagasi eshaya emaceleni, kodwa wazi ukuthi kwase kuyizinsuku eziningi, impela amanzi ayesebohla ngalesosikhathi. Ngakho wahamba wase ethola inyoni engethembekile, engumkhohlisi, futhi wa*yi*zama, wase eyithuma. Yayiyigwababa, nalelogwababa alizange libuye, ngoba lathola intokozo phandle lapho, ngaphandle komkhumbi kaNkulunkulu. Landiza lisuka komunye umzimba omdala ofile liya komunye, lidla izidumbu nesibhucu esasintanta emanzini; futhi laleneliseke ngokuphelele.

95 Ngakho emva kwezinsuku eziningana wazama futhi, ngoba wayazi . . . Wayengafuni ukuphumela olakeni lukaNkulunkulu. Ngakho wadedela ijuba. Nalelijuba lalingelemvelo ehlukile kune . . . Kwakungesilo inqe, kanjalo alisuye umthuthambi, lingadla kuphela izinto ezimsulwa ezihlanzekile. Futhi laleneliseke kakhulu ngoba alitholanga lutho olunye elalingabeka kulo amathe ezinyawo zalo, labuyela emkhunjini. UNowa wathi, "Awu, uzamcolo usekhona."

96 Wase-ke eyalinda ezinye izinsuku eziningana, wabuye wathumela futhi; njengomkhuleko wakhe, "O Nkulunkulu, ngabe ulaka lwaKho seluthobile na? Ngabe—ngabe—ngabe

ulaka lwaKho selwedlule, Nkosi na? Ngabe sekwenziwe konke na?" Wayesethi, "Manje, uma ngilithuma ngalesisikhathi, lingahlala phandle lapho uma ozamcolo sebebohlile, lingahlala." Kodwa walithuma ngomkhuleko, futhi lapho seliphumele lapho liqondiswa nguNkulunkulu, lakha iqabunga lesihlahla esinamaqabunga angawohloki ahlabayo nezinhlamvu ezibomvu esihlahleni, lase lindiza libuya lase lingqofa efasteleni futhi.

97 UNkulunkulu wasebenzisa ijuba libe yisibonakaliso. Liyabuya lisho ukuthi "uzamcolo usephelile," uNkulunkulu wase evula umnyango-ke, base bephuma. Lowo nguGenesisi 8:8.

98 Kanti lisetshenzisiwe kuMathewu 3:16, futhi ngenkathi ulaka lukaNkulunkulu lusemhlabeni. Futhi kwakungekho-ndlela, ubumnyama obedlula bonke bobusuku, phakathi nobusuku, amabandla ayesesonte izinto ngangokuthi kwakungasekho-ndlela yokuphuma kulo. Futhi kwakukhona abafundisi bamanga, zonke izinhlobo zezinto ziqubuka, zonke izinhlobo zemisebenzi yobungcweti ziqubuka, kodwa uNkulunkulu wasebenzisa ijuba futhi. KwaMthokozisa, iNdodana yaKhe uJesu wayeMthokozise kahle kakhulu, ukuthi WaMkhomba.

99 Manje, abakholwanga ukuthi lengane eyazalwa ezansi lapho kulesositebele emkhombeni wefolishi . . . phambi kokuba uyise nonina, okwakucatshangwa ukuthi yibo, ashade. Babengacabangi ukuthi uNkulunkulu angake asebenzise noma yini enjengaleyo. Ngakho Wayefanele akhonjwe ezweni; futhi ngalolosuku ezansi emfuleni, ngenkathi Ehla ukuba Azifakazise yena ukuthi unguPhisi kaNkulunkulu wobuciko odlula konke (engikhulume ngawo kulokhu ukusa) . . . Ngenkathi Elalela ukuba ahambe angene emanzini . . .

100 Manje, uma niqaphela lapho, kukhona isifundo esikhulu. UJohane wayengumuntu omkhulu kunabo bonke emhlabeni, ngesikhathi. UJesu wathi, "Wayengakaze abe khona umuntu ozalwa ngowesifazane omkhulu njengaye," kuya kulesosikhathi. Futhi wayengumprofethi. Niyakukholwa lokho na? Manje, khumbulani, uma iZwi likaNkulunkulu lizoza kunoma yini ezweni, kuzoba ngumprofethi. Leyo njalo yindlela kaNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi uJesu wayeyiZwi elibonakaliswe enyameni na? Ngakho yinye kuphela indlela Angafika ngayo ukuba ethulwe; hhayi ngabapristi.

101 Akakhuphukanga wayesethi, "Kayafase, ungaNgethula na?" Uma Akwenza, Wenza iphutha elifanayo uDavide alenzayo esifundweni sethu ngoluny'usuku; niyabo, uma Enyukela ebandleni, wayesethi, "UngaNgethula na?"

102 Qaphelani nje ngenkathi Ezalwa, ngisho. Ngenkathi Ezalwa, wazalelwa esithunzini sebandla. Futhi mhlawumbe babeshayo izinsimbi nakho konke, kodwa kwaba ngabelusi bezimvu abaMqondayo, nezazi oMegi. Niyabo?

103 Futhi nangu la Akhona manje, e . . . ulungele inkonzo yaKhe. Futhi uma EyiZwi . . .

104 Ngokwecebo likaNkulunkulu elikhulu, iZwi kuphela linga . . . "INkosi uNkulunkulu ayenzi lutho ingakaLembuli kuqala ezincekwini zaYo abaprofethi." Lelo yiphethini laKhe njalo, kufanele kube yilo; ngenkathi kuvulwa iziMpawu, lapho noma yini enye. Noma yisiphi isehlakalo esikhulu senzeka emhlabeni, uNkulunkulu usembula kubaprofethi baKhe.

105 NoJohane wayengumprofethi, ngokuba wayeprofetha "Uzofika."

106 Manje-ke ukwehla kusuka eceleni kwegquma ngolunye usuku . . . ngenkathi kuqhubeka ingxoxo, isigejane sabapristi simi sizungezile. Futhi bathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi wena uzibiza ngo 'mprofethi,' futhi ume lapho kulolodaka na?" (hhayi ebandleni, ngoba babengeke bamvumele) "Ume ngale kulolodaka, futhi ungitshele ukuthi ihora liyeza lapho uJehova omkhulu owamisa ukuba lemihlatshelo ibekhona, ngenkathi uJehova omkhulu owakha lelithempeli, owangena kulo njengeNsika yoMlilo, 'usuku luyofika lapho lowomhlatshelo wemihla ngemihla uyosuswa khona'?"

107 Wathi, "Kuyofika uMuntu, futhi Uphakathi kwenu manje (ndawondawo phandle lapho), futhi *U* yosusa isono." Umpristi wamcasukela.

108 UJohane wabheka phezulu! Manje, uyini na? Umprofethi! Futhi nanti iZwi, nakho kuza iZwi liza liqonda ngqo kumprofethi, liqonda ngqo emanzini. UJohane wathi, "Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe. Nango, nguYe lowo." UJesu akazange athi vu, waphumela ngqo emanzini. Futhi sengiyabona lapho, emi kulawomanzi (cabanga ngomdlalo wasesiteji), ababili babakhulu kunabo bonke abake bashaya umhlaba: uNkulunkulu iZwi, nomprofethi waKhe.

109 Qaphelani, iZwi liza kumprofethi ku *lesi* isimiselo sesikhathi somusa, emanzini (ehhe). Bengicabanga ukuthi benizokubamba (ehhe). Emanzini! Isambulo sokuqala seZwi saba semanzini. Manje niyabona lapho uMlobokazi aqala khona, uMlayezo wokukhanya kwakuSihlwa na? Emanzini! IZwi, iZwi leqiniso elingaxutshiwe nezivumokholo, kodwa liza kumprofethi emanzini, ngamanzi.

110 Qaphelani! Wawungathini nje amehlo eZwi namehlo omprofethi ehlangana emanzini? O, lokho kukhulu kakhulu kimi. Nakho kumi umprofethi, nakho kumi iZwi, bebukana emehlweni. Nomprofethi wathi, "Yimi engiswela ukubhaphathizwa nguWe, Wena uza kimi na?"

111 NeZwi lathi . . . Lifanele libe yiqiniso.

Manje ake nginikeze umdlalo wasesiteji lapha:

112 "Johane, ungumprofethi, uyalazi iZwi." Niyabo? "UyaNgiqonda, uyaNgazi ukuthi Ngingubani."

113 "Yimi engiswele ukubhaphathizwa nguWe," kwasho uJohane.

114 UJesu wathi, "Vuma kalokhu. Kunjalo impela, uswelekile ukuba ubhaphathizwe yiMi. Kodwa khumbula, Johane, ungumprofethi, kufanele thina, noma kusifanele (njengeZwi *no*mprofethi), ukuthi sigcwalise *lonke* iZwi ehhe. Ngokuba, Johane," (nasi isambulo manje) "Johane, uyazi ukuthi NginguBani, NginguMhlatshelo. Futhi ngokweZwi likaNkulunkulu, umhlatshelo wawufanele ugezwe ngaphambi kokuba unikelwe ukuthi ube umhlatshelo." Kunjalo na? IZwi . . . "IWundlu laligezwa bese-ke linekelwa libe umhlatshelo, futhi Ngiyi lelo Wundlu. Futhi Ngifanele ngigezwe ngaphambi kokuba nginikelwe ezweni ngibe umhlatshelo. Vuma kalokhu, Johane, ngokuba kusifanele njengeZwi nomprofethi ndawonye."

115 Awu, ngeke kwabakhona iphutha. Manje, zonke zalezozinto . . .

116 Manje, niyabo, uma kwakungesikho impela lokho okwakuhleliwe, uJohane wayengeke abe njenganoma ubani omunye wethu; ngakho bathi; "Ya, ngi—ngiyazi ukuthi ungubani, Nkosi."

117 "Awu," Wathi, "awulinde umzuzu, NgiyiZwi ehhe. 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi *onke*.' UEva washiya elilodwa ehhe, kodwa ufanele uwathathe *onke* amaZwi. Futhi NgiyilowoMhlatshelo, futhi Ngifanele ngigezwe ngaphambi kokuba Ngethulwe. Kodwa okushilo, Johane, kuyiqiniso."

118 UJohane engumprofethi, azi ukuthi iZwi lalifanele ligcwaliseke, wakuvuma lokho futhi waMbhaphathiza. Futhi lapho Ekhishwa ekhushulwa emanzini, nakho kufika uMlayezo ovela eZulwini emaphikweni eJuba, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo." Wathumela uMlayezo wokuhlengwa womusa emaphikweni eJuba, leza lehla lindiza livela emazulwini. "Ukuthula emhlabeni, kumuntu othokozelwa nguye." UMhlatshelo wawusulungele ngalesosikhathi nje; wayekade ekhulisiwe, wondliwa, inkonzo yaKhe yayisilungele, iZwi elalizohlenga lonke izwe, "Sekuphelile!"

119 Ijuba lisetshenziswa eBhayibhelini njengesifanekiso sokuthula, kanti futhi lisetshenziswa yizizwe njengesifanekiso sokuthula. Sinezizwe . . . Isizwe sakithi sifanekiswa ngokhozi. Futhi zikhona ezinye izinyoni zezinye izizwe, iRoma linokhozi, iJalimane linokhozi; eziningi zazo, izinyoni ezinkulu zasesibhakabhakeni. Kodwa kuzozonke, ijuba lifanekisa ukuthula kuzo zonke izizwe. Kuyinto yomhlaba wonke jikelele.

120 Njengoba nje uMfowethu Green asho ngobunye ubusuku, uMfowethu Pearry Green wathi, "Isifanekiso sokuzinikela

nguku 'phakamisa isandla sakho.' Noma yisiphi isizwe, phakamisa isandla sakho, ngukuzinikela." Wathi, "Uma ucula, uphakamise izandla zakho, unikela konke."

121 Nejuba liyisifanekiso sokuthula ezizweni zonke. Kwenziwelani na? Ngenxa yobumnene balo, nangenxa yobumsulwa balo. Yingalesosizathu lifanekisa ukuthula.

122 Enye into mayelana nejuba, liyinyoni ethanda ikhaya. Liyathanda ukuhlala ekhaya.

123 Futhi enye into eliyiyo, lethembeke njalo kumata walo. Ijuba, iduna noma isikazi, awashiyani neze. Lelosikazi lithola umata walo esikhathini sonyaka sokuzalana. Niyabo, lokho kuyancomeka kokudaliweyo okukhulu kukaNkulunkulu. Yingalesosizathu Enza uEva umkhiqizo ovele kamuva. Niyabo? Ukuba wayenziwe njengamanye amasikazi, uma sekufika isikhathi sokuba abe sesikhathini sokuzala, wayeyothola umata wakhe; kodwa angakwenza noma ngasiphi isikhathi. Niyabo? Futhi yileyondlela, kuyilokho-ke. Nje ngi . . . Asifuni ukuya kulokho, ngoba nginakho kwethi *uMshado neSahlukaniso* kanjalonjalo. Nokuthi kukanjani . . . Kodwa nokho uyahlonipheka futhi waletha ubumsulwa, futhi niyazi ukuthi ngashumayela kanjani ngakho ngobunye ubusuku. Kulungile, qaphelani, unomthwalo omkhulu.

124 Kodwa ijuba lethembeke njalo kumata walo. Njalo! Akalishiyi neze.

125 Futhi ake ngime lapha umzuzu nje ukuba ngisho lokhu: uMlobokazi weqiniso, ijuba lensikazi, lethembekile kuMata walo, nalo. Ngeke lijovele noma yimuphi umbhedesho, noma yiziphi izimfundiso zehlelo, noma yini yezwe. Liyohlala lethembekile kuMata walo, iZwi; lethembeke njalo.

126 Futhi ngalokhu ukuziphatha kokuthanda ikhaya, ngokuziphatha kokuthanda kwalo ikhaya, belisetshenziswa ngempumelelo ukuba libe yivukuthu elifuywayo. Ngoba liyalithanda ikhaya, ulidedela liye noma yikuphi, liyobuyela njalo ekhaya. Liyobuyela ekhaya.

127 Sizothanda ukugcizelela kulokho okwesikhashana, nani maKristu nizoqonda ukuthi ngichaza ukuthini. Njalo liyayithola indlela yalo yokubuyela ekhaya, ngakho ngakho-ke belisentsheziselwa ukuba libe yijuba elifuywayo elingummthwali. Lalisentshenziswa ngesikhathi sempi, eyayivame ukuba khona; basawasebenzisa amajuba afuywayo angabathwali ukuthwala umlayezo. Ngakho niyabona-ke, lokho kwenza ijuba, ngakho kokubili ngoNkulunkulu nanomuntu, isithunywa; ijuba liyisithunywa. Laliyisithunywa kuNowa, ukutshela uNowa ukuthi "sekukhona ukuthula futhi." Lasentshenziswa nguNkulunkulu, ukuqinisekisa ukuthi le kwakuyiNdodana yaKhe, "uMhlatshelo ukuletha ukuthula

emhlabeni nomuntu othokozelwa nguye." Lalisetshenziswa njengesithunywa.

128 Khona lapha nginendaba encane engqondweni yami, ngake ngafunda encwadini. Manje, angifuni ukuthi ngithi lokhu kuqinisile, kungahle kube kulena ethi *ukuDamba kweMpi yoMhlaba yokuQala*. Anginaso isiqiniseko salokho manje; uma nikugeja ukukubona, khona-ke ngisephutheni. Kuphakathi kokuthi ngakufunda encwadini. . . sekuyiminyaka eminingi eyedlula. Kodwa impela kwakuyi—yi. . . ngempela yi—yinto eyisehlakalo esishukumisayo esenzeka.

129 Amasosha aseMelika avinjezelwa ngokudutshulwa ngomshinigani wamaJalimane, futhi ayesohlobweni lomgodi. Ninamasosha, ngiqagele, niyaqonda ukuthi ayesekuhloleni ndawo ndawo. Futhi avinjezelwa, futhi ayesenezinhlamvu ezincanyana nje ezisele. NamaJalimane ayeza ngamaqembu amakhulu, engena nxa zonke. Futhi ayazi ukuthi ngaphandle kokuthi athole ukwelekelelwa, olunye usizo, ukuthi ayezofa masinya onke; (ayefanele) amaJalimane edilika entabeni ngqo, ewabuka phansi ezintanyeni zawo, eyongena kuwo ngqo kanjalo.

130 Nelinye lawo kwenzeka lakhumbula ukuthi lalinempaka encane, ijuba elincane elifuywayo. Ngakho lalazi ukuthi lelijuba elufuywayo, uma lalingake liphume lapho, lalizophatha umlayezo oya kwikomkhulu lapho ayekade ebekwe khona. Futhi ngakho ayesehlala phansi abhala enothini, "Sivinyezelwe esimweni *esithize* endaweni *ethize*. Asisenazo izinhlamvu, emahoreni ambalwa sizodingeka ukuba sizinikele noma kumbe sizocekelwa phansi." Futhi aqhasela lokhu, noma akubophela o—onyaweni lwalelijuba elincane ase elidedela.

131 Manje, liyinyoni ethanda ekhaya, ngakho li. . . lenzani na? Lithatha libuyela ekhaya kowalo. . . hlangana, lithola umata walo. Lalikhathazekile ngaye, lalidingeka libuyele ekhaya.

132 Futhi lapho lenyuka, amaJalimane ayebonile ukuthi kwakukade kwenzekeni. Ngakho into ayenzile, aqala ukulidubula ijuba. Elinye lawo lalishaya ngomshinigani onembobo ewu .30, noma inhlamvu, wephula umlenze walo. Omunye wadubula isigaxa esikhulu emhlane walo. Isifuba salo salinyazwa yonke indawo ukuvundla. Elinye lamaphiko alo lakhubazeka, ichopho ladubuleka, futhi lalindizela-nhlanye. Kodwa laqhubeka likhwela, futhi ekugcineni laphumelela. Likhubazekile, lilimele, lephukile, kodwa lawela enkanjini nomlayezo. Lelo kwakuyijuba elikhulu.

133 Kodwa, o, mfowethu, uIsaya 53 usitshela ngeliLodwa, elehla livela eKhaya nakho konke lokho kwakukuhle:

> Futhi *yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sokuthula*

*kwethu sasiphezu kwayo; nangemivimbo yayo sa**philisiwe thina**.*

134 Ukugula, inkoleloze, nodeveli babesivimbezele, yayingekho indlela yokuphuma, ibandla laliphambukile, babechezukele ezintweni zamahlelo (nabaFarisi, abaSadusi, nokugeza amabhodwe namapani), neZwi likaNkulunkulu laba yize. Kodwa leliJuba elincane lehla, futhi yinye kuphela into eyayingenzeka: kwakufanele kubekhona umhlengi.

135 Kodwa ngokulinyazwa, ukwephulwa, ukushaywa, ukudatshulwa, kodwa Wayeyazi indlela yaKhe yokubuyela eKhaya. Ngakho ukusukela esiphambanweni saseKalvari lapho Achotshozwa khona, baMphihliza, baMdabula, njengesigejane sezimpisi phezu kwaKhe, Wandiza Esuka eKalvari futhi Waye wayokwehlela eminyango yaseZulwini, ethi, "Kufeziwe! Kufeziwe! Sebekhululekile! Ukugula sekungaphiliswa manje! Izoni sezingasindiswa! Abathunjiweyo sebengakhululwa!"

136 Nakuba Wachotshozwa futhi walinyazwa, leyompi enkulu lapho ngenkathi yonke into imelene naYe. . . Ngisho nembongi yamemeza kakhulu:

> Amadwala adabuka phakathi nezibhakabhaka,
> UMsindisi wami wagobisa ikhanda laKhe wafa;
> Kodwa iveli elivulekile lembula indlela
> Eya enjabulweni yaseZulwini nosuku olungapheliyo.

137 Bengiguliswa yimizwa yonke impilo yami. Njengomfana omncane kwakukhona into eyangishayayo, engethusayo, cishe njalo eminyakeni eyisikhombisa yayenzeka kimi. UMfowethu Jack uyakhumbula ngenkathi ngiqala ukuqala, ngiphuma ensimini unyaka; into esanda kwenzeka nje.

138 Ngiyakhumbula ngosuku uJuanita Hemphill. . . Ngicabanga ukuthi igama lakhe usenguJuanita Kelly manje, washada noMfowethu Kelly emva kokufa komyeni wakhe. UAnna Jeanne, nginazo izithombe nezinto, ngempela babe. . . Nowakhe. . . Nalawomantombazane amabili noDadewethu Moore babena—nabancane abacula ngabathathu. Bacula leloculo engingasoze ngalikhohlwa: *Ukubuka Ngapesheya kokushona kweLanga*. Mfowethu Jack, uyakhumbula, ngiqagele, evela enhla eFlorida. Amantombazane amancane amahle kanje pho.

139 Futhi ngiyakhumbula ngalokho kusa iqembu elincane lamaPentecostal elivela enhla lapha engxenyeni yezwe, eMichigan ndawo ndawo, lawomantombazane ayema phandle lapho ngenkathi uMfowethu Hooper. . . Ngimbonile lapha ngobunye ubusuku, ngi. . . kungenzeka ukuthi akekho lapha manje, Mfowethu Ed Hooper. Ukhona yini, Mfowethu Ed? Angicabangi ukuthi u. . . Wayehlezi lapha ngobunye

ubusuku. Akekho . . . Abaningi benu bayamazi. Yena nami, noMfowethu Hooley, sasesihamba. Nalawomantombazane emi lapho ekhoneni ecula lelo, basinika, ngamunye, imbali eyelo ababeyithatha ezinweleni zabo. (Yilapho lolohlanya lwalukade luphiliswe khona ezansi lapho, kwakwenzeke izinto ezinkulu.)

140 Ngenyuka ngomgwaqo nje ngijabule ngakho konke, khona manjalo kwangishaya; onyakeni kamuva ngaphambi kokuba ngingene ensimini futhi, kwangibulala nje.

141 Kusukela ngisengumfana omncane, njalo ngangisho ukuthi ngangingazi ukuthi kwakuyini umbono. Umfana omncane, njalo ngangithi, "Uma ngi—uma ngingake ngiwe ngesinye salezoziyezi, futhi ngikubone lokho, ngiyosinda." Lesosikhathi . . . Njalo ngangifuna ukuya kwaMayo ukuyothola ukuthi kwakuyini eyayingalungile. Odokotela lapho . . .

142 Isisu sami siba muncu; futhi o, he! UMfowethu Jack ungisizile ukuzungeza indlu. Ngahamba ngizungeza indlu njalo; futhi nje kushisa njengamanzi anogrisi, kundiza kuphuma emlonyeni wami. Futhi ngihamba ngiye epulpiti, futhi ngikhulekela abantu okwakukubi ngokuphindwe kabili, futhi baphiliswe. Ngike ngabeka izandla zami phezu komuntu onomdlavuza ebusweni bakhe, nomdlavuza wasuka ebusweni bakhe, ngimi lapho; futhi ngangigula kakhulu ngangingakwazi ukusukuma.

143 Futhi anazi ukuthi bengiphethwe yini; nje ukucindezeleka kwengqondo. Njalo eminyakeni eyisikhombisa kuyafika, yonke impilo yami. Yilapho engikhona manje, izishiyagalombili eziyisikhombisa.

144 Ngakho ngangi—ngangilusizi kakhulu; ngakhala, ngancenga, nganxusa.

145 Futhi ngiyakhumbula ngenkathi ekugcineni ngicabanga ukuthi ngase nginemali eyenele ukuba ngiye kwaMayo ngiyohlolwa; bathi, "Bazothola ukuthi yini inkathazo yakho." Unkosikazi nami, noBecky emuva lapho . . . uSarah wayesengomncane, umfo omncinyane. Ngangisanda kungena nje enkonzweni yami yokuphilisa. Futhi sasuka saya kwaMayo.

146 Ngahamba ngedlulela ekliniki. Futhi ebusuku bakuthangi ngathola . . . ngase ngiqede konke ngakusasa ekuseni, ngavuka nje futhi ngangihlezi lapho embhedeni ngiqalaza. Ngase ngilunguza phambi kwami, futhi kwakukhona umfana omncane, ebukeka efana nami nje, cishe eneminyaka eyisikhombisa ubudala; ngase ngikubuka, futhi *kwa*kuyimi. Futhi wayemi ngasesihlahleni esidala esesiyingozi. Futhi kulesosihlahla . . .

147 Noma yimuphi kinina bazingeli bezingwejeje niyazi ukuthi ungahlikihla induku phansi phezulu esihlahleni kanjalo, futhi kuyokwethusa ingwejeje bese uyayixosha uma isengoxweni.

148 Futhi ngangibona lapho lapho leyongwejeje eyayikade ikhona, ngase ngicabanga, "Nhloboni yengwejeje leyo na?" ngase ngiyihlikihla. Futhi sengikwenza, ngabuka ngale futhi kwakuyimi ngaleyonkathi cishe ngineminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili ubudala, umfana omncane wayengasekho. Ngakho ngahlikihla lelogatsha, futhi engoxweni yogodo, isigxobo, kuphuma ingwejeje encane ethi ayibe *ngako*, insundu, ecishe ibe mnyama impela, futhi kwakubukeka njengokuhamba kogesi kundiza kuphuma kuyo; amehlwana amancane amancinyana anjengobuhlalu, into ebukeka iyimbi ukwedlula zonke engake ngazibona, ibukeka ifana kakhulu nochakide kakhulu kunengwejeje.

149 Futhi yangibuka ngqo. Futhi ngavula umlomo wami ukuba ngithi, "Awu. . ." Futhi lapho ngikwenza, u. . .Ungakacwayizi ngeso lakho, yandiza yangena ngqo emlonyeni wami, yehlela ngqo esiswini sami, futhi nje ingidabula izicucu. Futhi lapho ngiphuma embonweni, izandla zami ziphakeme, ngibuka, ngahamba ngimpongoloza, "O Nkulunkulu, ngihawukele! Iyangibulala!"

150 Ngezwa iPhimbo phansi le ekamelweni, lithi, "Khumbula, ingama intshi ayisithupha kuphela ubude."

151 Bangaki oke wayizwa leyondaba na? Ngike nganixoxela lokho izikhathi eziningi, abantu konke etabernakele.

152 Awu, kwaqhubeka njalo njalo, ngigula ngokufanayo nje.

153 IZelamani zakwaMayo, ngosuku olulandelayo, zangihlola. Zathi, "Uyihlo wayengumIrishi, wayephuza. Unyoko eyiNdiya uhhafu, lokho kukwenza cishe impela ube ngozalwa uhhafu. Ngakho uzo. . .u—u—ungovithizwa yimizwa nje kakhulu ngangokuthi awusoze waphuma kukho." Zathi, "Ngaphandle kwalokhu, uphile-saka. Kodwa lokho, lokho kuyinto esemphefumulweni umuntu angeke akwazi ukuyilawula." Zathi, "Uyo. . ." Zathi, "Uma umuntu efa, awukwazi ukuhlinza isidumbu ukuba kuphenywe ukuthi umuntu ubulawe yini, ngoba umphefumulo wakhe awusekho." Sathi, "Awu, awusoze waphunyuka kukho."

154 Nalowomfo wathi, udokotela wami omdala, wathi, "Ubaba wami wayenakho, wafa cishe esenamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala," lapho nje, washo. Futhi wathi, "Enyangeni noma ezimbili engakafi, ngamhlola; wayenakho impilo yakhe yonke, wayeba nawo" wathi, "amalumbo."

155 "Abany'abantu," wathi, "bayalithola, banolaka"; wathi, "yilolohlobo oluzokubulalala." Wathi, "Oluny'uhlobo, njengabesifazane abavaleka ukuya esikhathini, bayakhala. Wena unohlobo oluwuhlobo olunomuzwa okhathazayo." Wathi, "Abantu bakudala babevamise ukukubiza ngokuthi

'wawuba nokunyakama,' kwakungabayeki." Wathi, "Uma lokho kukushaya, isisu sakho siba muncu; uxhaphazela isisu nje."

156 Ngathi, "Kodwa, mnumzane, angenzi lutho." Ngathi, "Ngiyajabula."

157 Wathi, "Kulungile. Lokho nje kuphuma esakeni lokucaphuna komuntu." Wathi, "Uyolokhu unakho njalo." O, into ethenana amandla kanje pho!

158 Kodwa amazwi, ukukucabanga, "Khumbula, ingama intshi ayisithupha kuphela ubude," okwakubambelele kimi, njengoba unkosikazi wami othandekayo emuva lapho engakutshela. Unyaka nonyaka, bengicabanga ngalokho.

159 Bese kuthi-ke, ngiya phesheya kwezilwandle ngalesisikhathi esedlule, ngangi . . . ngaphambili. Awu, ngase ngibuyele ekhaya, futhi ngangisohambweni lokuyozingela izingwejeje. Ngagxuma ngaphuma emotweni noMfowethu Banks Wood, olalele kulobubusuku, ngase ngiqala ukugijima ngenyuka igquma, futhi kwakubukeka sengathi inhliziyo yami yayizogxuma iphume kimi.

160 Futhi ngabuza uDr. Sam Adair, ngathi, "Yini eyenza lokho na?"

161 Wathi, "Ngokulandelayo unakho, thola ikadiyogramu umshini wokurekhoda ukusebenza kwemisipha phakathi nenhliziyo."

162 Ngathi, "Kulungile."

163 Ngakho kwenzeka futhi ngo—ngonyaka olandelayo, futhi wahamba wathatha ikadiyogramu. Wathi, "Ayikho into engalungile enhliziyweni yakho," wathi, "uguliswa yimizwa nje." Kwaqala ukuza-ke.

164 Awu, omunye udokotela wathi kimi, umngane wami olungileyo, wathi, "Leyo yinhliziyo yakho, mfana," wathi "ufanele uqaphelisise." Lowo ngunyaka engabiza ngawo uMfowethu Moore futhi wathola omunye ukuba ashumayele esikhundleni sami, ngenkathi ngihambela ukuyozingela leyonqama noMfowethu Fred. Ngangenyukela ezintabeni njengoba ngenza nje ngenkathi ngiseneminyaka eyishumi nesithupha ubudala, imayela nemayela, ngigijima; akuzange kungikhathaze nakanci. Niyabo?

165 Futhi ngiyabuya ngase ngitshela uSam. Wathi, "Awu, kukhona okungalungile, kufanele uqaphelisise."

166 Ngase ngibona umbono ngodokotela omdala emi nalezo . . . udokotela oyifeshini endala nezinto zokuxilonga isiguli zigaxwe engalweni yakhe. Wathi . . . Wayemi phambi kwami ngolunye usuku, wathi, "Ungabavumeli bakutshele ukuthi 'leyo yinhliziyo yakho,' leso yisisu sakho."

167 Ngakho, nga—ngacabanga, "Awu, ngizothatha lelozwi nje, ngoba kwakungumbono. Ovelayo."

168 Ngaqala ukuya eAfrika; ngithola imijovo, futhi ngadingeka ukuthi ngithathe isixheke semijovo ngaphambi kokuba ngiye eAfrika, lowo ngumthetho. Ngakho, ngenkathi ngithola lemijovo, wathi, "Ngani, angitholi nokukodwa okungalungile kuwe." Wathi, "Umbala obomvu wezinhlayiya zegazi lakho, igazi lakho lingunayinti-siksi, lingunayinti-siksi." Wathi, "Ukuba ubuneminyaka eyishumi nesithupha ubudala, bekungebe-khona bungcono, bekungebe-khona bungcono." Wayesethi, "Ul'khuni ngokwenele ukuthi ungashaya ikhulu leminyaka. Amaphaphu, yonke into," wathi, "ukahle; akukhoshukela, lutho."

169 Ngathi, "Ngiyabonga." Ngakho ngathola ukuhlolwa komzimba, no—nokuthi ngithathe isitifiketi sami—sami sokuthi ngiyaphila ngiwele.

170 Ngakho, wathi, "Kukhona okwaziyo ngakho na?"

171 Ngathi, "Lutho kodwa ukubelesela kokuba muncu esiswini ngaso sonke isikhathi."

172 Wathi, "Awu, ngizokutshela." Wathi . . .

173 Ngathi, "O, ngihloliwe. Ngike ngaya kwaMayo Brothers, nasezindaweni zonke."

174 Wathi, "Kodwa ake ulinde umzuzu." Wathi, "Ngezinye izikhathi isilonda sincane kakhulu ngangokuthi lowomuthi ibariyam mil ngeke isikhombise; futhi ngezinye izikhathi kukhulu kakhulu ukusikhombisa, ngoba iX reyi iyisithunzi kuphela. Nesilonda esincane esincinyana, awukwazi ukusibona, ngeke kunamathele ngokwenele. Inqwaba yezilonjana ezincu zingakwenza lokho. Wathi, "Ngiyamazi udokotela omdala enhla lapha olitholile ithuluzi, sebenalo manje; bangakulalisa ngomuthi omncane isidambisi zinhlungu isodiyamu pentothali, bafake ishubhu emphinjeni wakho, futhi eqinisweni nje babuka phansi phakathi esiswini sakho bese bebona ukuthi yini engalungile." Wathi, "U . . ." Wathi, "Uwuhlobo lwabantu abayini, ungumKristu." Wathi, "Yini ungahambi uyombona."

175 Ngathatha igama lakhe: uDr. Van Ravensworth. Ngakho, sengibuya, ngenyuka ukuyobona udokotela omdala. O, uyindoda endala enomoya omuhle yaseDutch East Indies, olayinini omkhulu wezimishini. Futhi wayezwile ngami futhi wayifunda incwadi yami, futhi o, wavele wangixhawula, wathi, "Mfowethu Branham, ngingajabula ukukwenzela lokho." Wathi, "Ngik'tshel'ukuthi yenzani; ngeviki elizayo ugijimele ngapheshheya esibhedlela lapha," wayesethi, "bese ungishayela ucingo ngaphambi kokuba uhambe." Wayesethi, "Ngifanele ngikunike umjovo omncane wesidambisi zinhlungu ipentothali." Wayesethi, "Uma-ke sengikwenza," wathi, "ukulalisa imizuzu emihlanu."

176 Intombazane yami encane yayisanda kuwuthatha nje ukuba ikhiphe izinyo, nentombazane encane kaMfowethu Norman. “Umzuzu omhlanu wokulala,” ngacabanga, “lokho ngeke kungikhathaze.” Ngakho, ngacabanga ukuthi ngiyoneliseka-ke, ukukubuka.

177 Kwase kuthi-ke ngakusasa ekuseni, ngavuka embhedeni ngase ngiqalaza, ngabuka ngale embhedeni obhanqene; umkami elapho, wayengakavuki. Futhi ngangibuka phandle efasteleni ngaseZintabeni zaseCatalina lapho la engakhe khona, futhi ngabuka phezulu lapho la iNgelosi yeNkosi eyabeka khona leyoNkemba esandleni sami, lapho iziNgelosi eziyisikhombisa enizibonayo esithombeni ezabonakala khona, kwenzeka izinto ezinkulu.

178 Futhi ngabuka, futhi lapho ngibuka, ngangimi ngakulesosihlahla futhi, khona lapho okwakukhona leyongwejeje. Ngabuka phezulu lapho, ngacabanga, “Lowo ngumphandu waleyongwejeje.” Ngase ngicabanga, “Angazi noma isekhona yini phezulu lapho?” embonweni. Ngahhala icala lesihlahla, yaphuma. Futhi ngingakacwayizi neso lami . . . yayiyingwejeje ebukeka iyinqaba kwesengake ngazibona; manje, nizofanele niyazi inkonzo yami ukuze nazi lezizifanekiso nezinto, yagxumela kimi kodwa yangigeja, Yawugeja umlomo wami, yashaya esifubeni sami yase iwa.

179 Futhi kwathi nje ingakwenza, ngezwa Into ethize ithi, “Hamba uye eziNtabeni zaseCatalina.”

180 Ngakho ngaphenduka, ngathi, “Meda, usuvukile, S’thandwa na?” Ngase ngimvusa.

181 Wathi, “Kwenzenjani?” Cishe ngelesihlanu nqo ekuseni.

182 Ngathi, “Bengibuka phandle lapha, ngase ngibona leyongwejeje futhi, S’thandwa.”

183 “Yiphi ingwejeje na?”

184 Ngathi, “Le engiyibone kwaMayo.” Ngathi, “Uyazi uk’thini? Iwugejile umlomo wami ngalesisikhathi, ayizange ingishaye, iphumele esifubeni sami.” Ngathi, “Akabongwe uNkulunkulu! Ngibukile, o, kusukela ngisengumfana omncane, bengikulangazelela ukubona lokho kwenzeka. Uma bengingake ngibone lokho kwenzeka, hhayi ngisho . . . Ngaphambili kokuba ngazi ukuthi umbono wawuyini, uma nje bengingake ngibone lokho kwenzeka, ngase ngithi, ‘Ngizophila. Noma yini lokho okungitshele khona, lokho engizoba yikho.’ Futhi iminyaka engamashumi amane ngikufunile lokho, futhi kwenzeka lapho.”

185 Ngaphambili, ngenkathi ngikwaMayo, isikhathi esifanayo engavuka ngaso lapho ngenkathi benginika lowomlayezo, ngase ngibona umbono . . .

186 Umama wami omdala sewaya eNkazimulweni manje, owesifazane oyinqaba impela. Wayenamaphupho

cishe amathathu noma amane empilweni yakhe, futhi ayeyiqiniso njalo. Wayengixoxela, ne . . . Wayeqala angixoxele, ngimtshele . . . Ngithi, "Yima khona . . . Mama, ngizokutshela ukuthi kuthini konke okunye okusele." Niyabo?

187 Isizathu njalo uma unginika iphupho ukuba ngilihumushe, awungitsheli njalo okuyikho ngqo ukuthi liyini. Bese-ke uma ngiphinda ngilibone futhi, ngibona nse ukuthi uphuphe ngani, bese-ke Uyangitshela ukuthi liyini. Niyabo? Awudingi ukungitshela ukuthi iphupho liyini, Uyangikhombisa iphupho uqobo lwaKhe. Niyabo? Bese-ke ngiyabona, ngithi, "Awu, awungitshelanga *lokhu* ungitshele *lokho*." Niyabo? Futhi ngakho uNkulunkulu okwazi ukuhumusha iphupho, angangikhombisa iphupho; Angangikhombisa lona, Angalihumusha. Futhi ngakho-ke . . .

188 Awu, yayingekho yini into enjalo eBhayibhelini, wathi, "Uma unga . . . "? Ngi—ngi . . . Kwenzeka nje kwafika kimi. UDanyeli, wayengesuye na? Qhabo, uJosefa—uJosefa. Awu, kundawondawo eBhayibhelini. Ngakukhumbula nje lokho, wathi, "Uma ungangikhombisa . . . Uma ungangitshela ukuthi yini i . . . " O, yiNkosi uNebukadinezari, kunjalo. Wathi, "Uma unga . . . Ungeke . . .

189 Izanusi zathi, "Ngitshele iphupho."

190 Wathi, "Lisukile kimi." Kunjalo, lokho, ngiyakukhumbula lokho; ngicabange ngaleyonkathi nje.

191 Manje qaphelani. NoMama, wathi, "Billy," uma sengibuya, wathi, "woza lapha, ndodana, uhlale phansi." Wathi, "Ngibe nephupho elixakile. Ngiphuphe ngibona wena ulele ugula, usuzofa nje, ngesisu sakho njengokwejwayelekile." Kungaki ukudla okukhethiweyo angiphekele khona! Wayesethi, "Ubuwakha indlu phezu kwegquma." Wayesethi, "Ngibone amajuba amhlophe ayisithupha ehla evela ezulwini, ekhala, ohlamvini u 'S' ase ehlala esifubeni sakho. Futhi ububuka, nalelo ebelingaphambili belizama ukukutshela okuthize." Wathi, "Abekhazimula ngempela, amajuba amhlophe. Ase ethatha amakhanjana awo awabeka esihlathini sakho, ase thi, 'guu, guu, guu.'" Wayesethi, "Angiliqondanga." Wathi, "Ayelokhu eqhubeka nokuthi, 'guu, guu, guu.'"

192 Ngathi, "O, ngiyalibona, ayibongwe iNkosi!" Wayesethi, "Abumba uhlamvu lwawo u 'S' futhi ayesebuyela phezulu eyongena ezibhakabhakeni, ethi 'guu, guu, guu, guu,' ebuyela ekhaya."

193 Awu, isilwane esincane engasibona sasingama intshi ayisithupha ubude. Uhele lwamajuba uMama alubona lwaluyisithupha, isithupha asiphelele. Ngazi ukuthi ngoluny'usuku ngiyolibona lelo lesikhombisa. Lowo kwakungumuntu, egula; ngakho kwaqhubeka njalo njalo.

194 Ngalokho kusa, ngasukuma emva kokubona lombono; ngayilalela iNkosi. Ngathatha umfana wami omncane, uJoseph, ngamyisa esikoleni ungilalele manje, eTucson. Ngamthatha ngamyisa esikoleni, ngase ngitshela uMeda ukuthi ngangingazi ukuthi ngangizobuya nini.

195 Ngase ngisuka ngiya eCatalina, phezulu ngiyongena e—ezintatshaneni ezisohlangothini lwentaba ende, futhi—futhi ngenyukela endaweni lapho iNgelosi yeNkosi yabeka khona iNkemba esandleni sami. Kuse eli ngempela; ngase ngiqala ukukhwela intaba.

196 Awu, esikhundleni sokwenyukela eziqongweni zezintaba *ngapha* (okungukuthi kukhona inqwaba yezinyoka, ofezela, niyayazi ukuthi iArizona injani), ngaphendukela kwesokudla sami; Into ethize yathi, "Phendukela kwesokudla sakho." Ngahamba ngayongena le eziqongweni; ngahamba ngazungeza, futhi ngangihamba ngizungeza lawomadwala amakhulukazi, ezikhathini eziningi makhulu ukwedlula lelitabernakele, ehlezi phezulu kulezoziqongo lapho la kuyivelakancane ukuba umuntu ake afinyelele khona.

197 Futhi sekulapha kweleshumi nanye nqo, ngangingena ensongeni encane, emuva lapho elinye . . . indawo encane ejike ingene *kanje* ngale komkhondo omncane wezinyamazane amadiye. Futhi ngangikhumule iyembe lami, isigqoko sami sisesandleni sami, ngoba nje ngangikhipha amagwebu omjuluko. Futhi ngakho ngajikela phakathi lapho, futhi lapho ngiphendukela kuleyonsonge encane, ngezwa ubukhona beNkosi. Ngahlwitha isigqoko sami ngase ngiqalaza. Ngacabanga, "Ikhona lapha ndawo ndawo. Ngiyazi ukuthi Ilapha." Ngacabanga, "Kuyini na?" Ngathatha ezinye futhi izinyathelo ezincane. Ngathi, "Nkosi, Ulapha ndawo ndawo."

198 Ngase ngibuka okulele endleleni yezinyawo, futhi nakho kulele leyongwejeje encane; yayigxumele enye into yase iyigeja, yase izithela kulesosixheke sekhola (lowo ngumdolofiya ogxumayo). Yazithi dlwa ngekhanda layo, isifuba, isisu, futhi yase ifile. Leyongwejeje encane ebukeka ixakile, yayigeje umlomo wami futhi yazithela kuleyokhola. NePhimbo leNkosi lathi, "Isitha sakho sesifile." Ngama lapho, futhi ngathuthumela. Ngathatha unyawo lwami ma- . . .

199 Ngokuvamile amagwababa awayidlanga ayiqeda. Ngabulala inyoka, ezinsukwini ezithi azibe-mbili kamuva kunalokho, yalala emgwaqeni cishe uhhafu wehora. Kukhona njalo izinkozi namagwababa okundiza kwedlule lapho, futhi ayoyicosha khona manje. Ngabulala inyoka ikorola enombala ogqamile enopoyizeni, leyo yinyoka enengozi kakhulu esinayo; ilele eceleni kwami ngqo, ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho. Ngaqala ukubuya ukuba ngiyicoshe ukuyikhombisa, amagwababana ayeseyitholile, amagwababa edlula ngaphezulu.

200 Futhi leyo yayikade ilele lapho selokhu ngibone umbono, ezinsukwini ezimbili ngaphambili; ngikholwa ukuthi kwakungoMgqibelo, ngase ngenyukela lapho ngoMsombuluko. Ngakho yayilapho, ilele phezu kwalapho ifile. Ngayifihliza ngonyawo lwami.

201 Ngabuyela emuva ngijikeleza, ngahlala phansi futhi; ngahlala lapho ngase ngikhala isikhashana, ngase ngikhuleka; ngibuka phansi eTucson, amamayela ngezansi kwami.

202 Ngajika ngabuya ngijikeleza ngase ngibuya, yayilokhu isalele lapho. Kwathi sengingena kuleyonsonge uMoya kaNkulunkulu wafika phezu kwami futhi.

203 Ngaqhubeka ngijikeleza, ngehla entabeni. Ngangena ngase ngitshela umkami, ngathi, "S'thandwa, angazi kanjani, kodwa ngizokwedlula kulokhu."

204 UDr. Ravensworth, ngenkathi enginika ukuhlolwa, wathi, "Akunakwenzeka nhlobo ukuba usinde." Unginika umjovo wepentothali owawuzothatha imizuzu emihlanu, futhi ngalala amahora ayishumi. Ngakho leyonto, ngisho nomuthi wokudambisa ubuhlungu iaspirini uvele nje ungishaye ngiphele. Ngakho ba . . . Unginika umjovo, wehlisa leloshubhu ngomphimbo wami. Kwathi sekuthe dwe kimi, futhi wangitshela ukuthi ngokusa okulandelayo, wathi, "Mfundisi, ngiyakuzonda ukukutshela lokhu, kodwa" wathi "ngisho nezindonga zesisu sakho zil'khuni kakhulu, zome nkwe." Angikaze ngikubone; wasebenzisa igama le *gastritis* isifo sesisu esishisayo, ngase ngihamba futhi ngibheka kwisichazamazwi futhi kwathi, "into esishwabene." Wayesethi ngeke ukunqobe." Wathi, "Uyohlala unakho njalo." Futhi ngangiyoba ngumfana odumazekile ukuba kwakungenganxa yombono weNkosi.

205 Futhi ngakusasa Into ethize yathi, "Buyela entabeni."

206 Futhi ngalolosuku esikhundleni sokuhamba ngendlela eyodwa, ngaholelwa ukuba ngihambe ngenye indlela. Futhi ngangimi lapho; futhi ngibuka, kuhlezi phambi kwami, futhi nakho kuhlezi lelo elincane lesikhombisa, ijuba elimhlophe, lingibuka ngqo. Ngacikica amehlo ami, ngathi, "Impela, ngumbono; impela, yiwo." Ngabuka, ngase ngithi, "Juba elincane, uvelaphi na?" Lilihle nje futhi limhlophe, ngahle ukuba kwakuyijuba elifuywayo; noma kwakuyini, le kulelohlane.

207 UNkulunkulu uSomandla, Owavusa uJesu Kristu kwabafile, engiyinceku yaKhe, neZwi laKhe libekwe lapha phambi kwami, uyazi ukuthi ngikhuluma iqiniso futhi angiqambi wona amanga.

208 Nakho kuhlezi ijuba, lihlezi lapho lingibuka. Ngahamba ngajika, ngacabanga, "Impela, ngumbono." Ngaphendula ikhanda lami, ngabuka emuva, futhi nanto lihlezi lapho; lawo amancane, amaphiko amhlophe, emhlophe qwa njengeqhwa nje; ezalo ezincane, izinyawo eziphuzi; nomncane umlomo ophuzi; lihlezi lapho lingibuka. Lalibhekisisa ngakhona

ngqo ngasentshonalanga. Ngahamba ngalizungeza *kanjalo,* ngangingeke ngilithintele ubala. Ngahamba ngenyuka ngomkhondo; ngabuka emuva, futhi nanto lalisahlezi lingibhekisisa.

209 Mfowethu, njengendodana ka-Abrahama, angikunaki engakutshelwa ngudokotela, ngizosinda, noma kanjani!

210 Ngosuku lwesithathu ngabuyela emuva, ngangigibela ngiya phezulu. Futhi abanye benu bayawazi umbono mayelana nenduna yeNdiya igibela lolodonga oluncane iya entshonalanga. Into ethize yangihehela edwaleni elikhulu, cishe ngesikhathi sasemini, yathi, "Beka izandla zakho ngokwencika kulelo bese uyakhuleka." UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi leli yiqiniso.

211 Ngabeka izandla zami ngokwencika edwaleni ngase ngibheka ngaseZulwini ngase ngiqala ukukhuleka, ngase ngizwa iPhimbo liphuma esiqongweni sedwala lapho, lathi, "Wencike kukuphi, phezu kwenhliziyo yakho na?" Ngase ngiphakamisa ngemuva kanje, amahlombe ami evele obala; nginqunu kusukela okhalweni kuya phezulu, kushisa. Ngabheka ngemuva. Futhi lapho kwakubhalwe etsheni elinensimbi, etsheni, "UKhozi oluMhlophe"; khona impela nje umbono owathi uMlayezo olandelayo uyovela ngakho.

212 Ngajabula ngokweqile, ngagijima ngaya ekhaya; ngathatha ikhamera ngase ngibuya ngakusasa, ngase ngithwebula isithombe sakho. Kwakusekhona, kubhalwe edwaleni: "UKhozi oluMhlophe." (IJuba lihola ukhozi)

213 Ngandlela-thize, ngi—ngiyazi. Ngizonitshela ngaphambi kokuba kwenzeke. Udokotela ungokahle udoc-. . .udokotela okahle, akungabazeki; ngi—ngicabanga ukuthi ungumuntu onomoya omuhle. Kodwa ngi—ngiyazi ngizokwedlula kukho. Sekwenzekile! Sekuphelile, futhi ngizosinda!

214 Futhi bengicabanga lapho uErnie ecula leloculo emizuzwaneni embalwa edlule, *EmaPhikweni eJuba*. Bunjani ubumnandi ezindlebeni kulelo na? Ngiqalele lona, Ernie.

> . . .maphiko . . .ijuba elimhlophe njengeqhwa,
> (liculeni nami)
> UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa,
> uthando olumnandi,
> Kwakuyisibonakaliso esivela phezulu,
> Emaphikweni ejuba.

215 Ngiyaqonda ukuthi uErnie wenza amavesi amabili alelo. Ngizokwenza amavesi amathathu:

> UNowa wayentante
> Kozamcolo izinsuku eziningi,
> Wahlola izwe,
> Ngezindlela ezininginingi;

Wayenezinkathazo,
Kodwa ingaveli phezulu,
Ngokuba uNkulunkulu wamnika isibonakaliso saKhe
Emaphikweni ejuba.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Kwakuyisibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

UJesu, uMsindisi wethu
Weza emhlabeni ngoluny'suku;
Wazalelwa estebeleni,
Emkhombeni wotshani obomile;
Nakuba enqatshwa lapha,
Kodwa qha phezulu.
Ngokuba uNkulunkulu wamnika isibonakaliso saKhe
Emaphikweni ejuba.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
O, isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

Nakuba ngihluphekile
Ngendlela eningi,
Ngakhalela ukuphiliswa
Kanyekanye ubusuku nemini;
Kodwa ukukholwa akukhohlwanga
NguBaba phezulu,
Wanginika isibonakaliso saKhe
Emaphikweni ejuba.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
O, isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

216 Nkulunkulu othandekayo, ngiyaKubonga ngalezizinto, Baba. Unika uNowa isibonakaliso, Wanika izwe isibonakaliso, futhi Wanginika isibonakaliso. Nangosuku olulandelayo, ngibona lolokhozi lundiza, O Nkulunkulu, kukhona uMlayezo ozayo manje, futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi

Uzodedela iJuba lihole. Siphe khona, Nkosi. Lingiholele ekukholweni engingakaze ngibe nakho ngaphambili. Ngiyazi, Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi kuzolunga ngakho ngiyaKubonga ngakho, Baba.

217 Futhi, kulobubusuku, yehlisa uMlayezo waKho futhi, Nkosi, emaphikweni eJuba leZwi. Siphe khona, Baba waseZulwini othandekayo. Nawo wonke odlula kulomsamo, kulobubusuku, nangaphandle ngaleya emihlanganweni ezweni lonke, kwangathi iJuba lakho elikhulu lokukholwa lingawela ezinhliziyweni zabo futhi ubaphe ukukholwa, Nkosi, ngokuphiliswa kwabo. Khumbulani ukuthi uNkulunkulu akabheki ubuso bamuntu. Wayengathumela uMlayezo kuNowa, wayengaWuthumela kuJohane umBhaphathizi, wayengaWuthumela kimina, angaWuthumela kwabanye.

218 Ngikhulekela ukuthi iJuba lizondizela kuyo yonke inhliziyo khona manje, Nkosi, nomncane waLo, umlomo wegolide, futhi linyenyeza lithi, "Ngemivimbo yaYo . . . Ngezilonda zaMi nemivimbo niphilisiwe." Nkulunkulu, yipha ukuba iziphambeko zethu zesulwe, sizothethelelwa ububi bethu, nokuthi ukugula kwethu kuzophiliswa. Kusezandleni zaKho, Baba. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Amakhanda enu ekhotheme kweluleke ngomzuzu owodwa nje.

219 Bangaki lapha abazothanda ukusho, uma ungahle futhi ufune ukusho lokhu, "Mfowethu Branham, bengisephutheni yonke impilo yami. Bengifuna ukukhonza uNkulunkulu, kodwa kulobubusuku sengilungele ukuzinikela. Ngiyakhuleka Nkulunkulu, ukuthi leloJuba lizondizela enhliziyweni yami kulobubusuku. SengiyaLizwa libhakuzisa amaphiko aLo lapho Lingena na"? Phakamisani izandla zenu, nizoziphakamisa na? Lapha ezethamelini ezibonakalayo, he, endlini yonke.

220 Le ngaphandle ezethamelini ezweni lonke, kwenyukele le kuMfowethu Hunt noMfowethu Coleman, kuphumele kuMfowethu Leo nabo, kwehle kuyongena eTucson, kuwelele eTabernakele likaBranham, kunqamule oGwini lwaseNtshonalanga, phakamisani izandla zenu ndawo zonke: "Ngifuna iJuba lindizele enhliziyweni yami kulobubusuku. Nginike uthando lukaNkulunkulu olumnandi emaphikweni eJuba elimhlophe njengeqhwa, uMoya oNgcwele. Nginike Lona, kulobubusuku, Nkosi, futhi yehlisela enhliziyweni yami ukukholwa engikudingayo."

221 EGameni likaJesu Kristu, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, sithethelele izono zethu. IJuba elilimele libuyise uMlayezo, O Nkulunkulu, "Kufeziwe!" Siyakukholwa lokho. Siphe ukukholwa nje ukuba siWukholwe, siyakhuleka. EGameni likaJesu. Amen.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa,
uthando olumnandi,
Lwaluyisibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

222 Belingavelaphi lelojuba na? Angazi. Lalingeke libe phandle lapho kulelohlane kanjalo nje. Qhabo, qhabo! Qhabo, lalingeke libe lapho. Futhi kungani lalimhlophe na? UBaba waseZulwini uyazi ukuthi lalimhlophe njengeyembe lami. Nanto lihlezi lapho.

Kodwa kwakusemaphikweni ejuba elimhlophe
njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa,
uthando olumnandi,
O, isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa,
uthando olumnandi,
O, isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

223 O, anizizwa nithobeke ngempela na? Asixhawulane nje, futhi silicule.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa,
uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu
Emaphikweni ejuba.

224 Asiphakamisele izandla zethu ku*Ye*, futhi silicule.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa,
uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

UNowa wayentante
Kozamcolo usuku oluningi,
Wahlola izwe,
Ngendlela eninginingi;
Wayenenkathazo,
Kodwa qha phezulu,
UNkulunkulu wehlisa isibonakaliso saKhe
Emaphikweni ejuba.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa,
uthando olumnandi,

O, isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni othando.

UJesu, uMsindisi wethu
Weza emhlabeni ngoluny'usuku;
Wazalelwa estebeleni,
Emkhombeni wotshani obomile;
Nakuba enqatshwa lapha,
Kodwa qha phezulu,
UNkulunkulu wasinika isibonakaliso saKhe
Emaphikweni ejuba.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

225 Ngani, mina indoda endala, ngihlupheke impilo yami yonke, kungani Engiphilise manje na? Ngikholwa ukuthi ngizogibela lomkhondo futhi, ngizoletha uMlayezo! Futhi ngiyasho kuBaba wami, kulobubusuku, (njengoba uJunior ebonile e—ephusheni ngobunye ubusuku ngamaphiko aleliJuba lingena kulamafastela lapha), Nkosi, inceku yaKho ibika ukuthi isizokhonza. Amen, sengilungele!

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

226 Asikholwe manje ukuthi Iyangena phezu kwezethameli.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa . . . (Silindile, Nkosi)
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

227 Nina eninamakhadi omkhuleko, ku*lesi* isikhala sezihlalo lapha, yanini phambili ngapha; sukumani, niye phambili kulesi isikhala sezihlalo lapha, ngapha.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

228 Labo abanamakhadi omkhuleko ku*lo*mugqa, phumelani kwesokunxele senu.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa,
uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

229 Labo. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

O, emaphikweni ejuba elimhlophe
njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa,
uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

230 Lalivelaphi ijuba phezulu lapho ehlane na? Ngingasho lokhu: uNkulunkulu wayebonile ukuthi uAbrahama wayefuna inqama ibe yisibonakaliso, Ungu*Jehova-jireh,* "iNkosi ingazihlinzeka Yona ngomhlatshelo." Ukucabanga ngakho! UNkulunkulu ofanayo, ngokuphefumulelwa okufanayo, ngohlobo olufanayo lwabantu, wathumela ijuba. Usenguye uNkulunkulu, uJehova-jireh angahlinzeka noma yini Ayidingayo.

231 Ningeke yini, niseza ngalomugqa womkhuleko nje manje, nicele uNkulunkulu ukuba anihlinzeke ngamaphiko eJuba na? IJuba, uMoya woMoya oNgcwele, ukunika ukukholwa enhliziyweni yenu ukuba nikholwe ukuthi nizophiliswa.

232 Ngizama ukuba bonke ngibamise ngezinyawo zabo, niyabo. Ngiyacela manje. UMfowethu Brown usendaweni yakhe. UMfowethu Jack. . . Uthini? [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Kulungile, kuhle. *Le*sisigaba lapha, asize ngapha kuqala, esilayinile. Izigaba ngemuva ngapha phakathi *lapha* zifole ngqo phakathi ngemuva kwabo. *Lezi* zifole ngqo phakathi emuva kwephiko. Bese *nina* nifola ngqo phakathi ngemuva kwalezi lapha, nizungeze ngqo ukuba nizokhulekelwa.

233 Manje, ngineqiniso ukuthi lona awuzukuba ngumugqa osheshayo, sizothatha isikhathi esincane nje ukuze ngempela sikwazi ukukhulekela umuntu ngamunye, ngakho konke esingakwenza.

234 Manje, ngiwunqamulile umlayezo wami wamfishane kancane nje (futhi nonke nikubambile lokho, niyabo) ukuze ngikwazi ukuba nalomugqa womkhuleko. Lona ngumugqa oyisikhumbuzo ekuhlonipheni izinsuku ngenkathi uMfowethu Jack Moore, uMfowethu Young Brown, omkenu banidedela nihambe, futhi niza ngapha sasesiphuma siyongena eCalifornia, nakuyo yonke iArizona (kanyekanye, sidabula ogwadule), futhi sakhulekela abagulayo.

235 Niyazi uk'thini? Kukhona abantu abaphilayo namhlanje ababefa ngaleyonkathi, futhi basaphila ngenxa yalowomzamo. Kwenzani na? Kwaqhumisa ukuphilisa kukaNkulunkulu kulolonke ibandla elikhona ezweni, manje ngisho

namaPresbyterian kanjalonjalo. Ba. . . Kwathulisa umlomo wabo, ngoba kuthathe uNkulunkulu ukugcoba othize ukuba abulale uGoliyati, ukukhombisa ukuthi bekungenziwa, kwase kuthi-ke bonke abanye baba nesibindi (kunjalo) futhi baqhubeka. Kusangenzeka futhi, ngokuba Usaluthumela uthando lwaKhe emaphikweni eJuba.

236 MaKristu, ngifuna nilalele. Ukuba bengingama lapha futhi ngizame ukunicaphunela okwezinto ezingaphezu kwemvelo engizibonile zenzeka ngisho naseminyakeni emithathu edlule, bengizoba lapha ngalesisikhathi ngoMgqibelo ozayo ebusuku, nginitshela. Angikhulumi ngisho nangakho kakhulu kangako, ngoba kuzwakala sengathi impela akunakwenzeka, kodwa nginitshela iQiniso. KuyiQiniso ngempela. Siphila ngaphansi kobuholi bukaJehova onaMandla oMkhulu, Yena lowo owayenomprofethi eTestamenteni eLidala, eneBandla eTestamenteni eLisha, Ulapha namhlanje ekhipha uMlobokazi kwabeZizwe enzela iGama laKhe. Likholweni! Ningeke, bantu na? Uma nake naLikholwa, Likholweni khona manje. Yilowo-ke. . . Ngifuna nikwenze. Asikazi ukuthi kuzokwenzekani namanje kulobubusuku. Asazi ukuthi kuzokwenzekani. Silindile nje ngethemba.

237 Sizani, eGameni leNkosi uJesu, nginicela njengenceku yaKhe. Ngiyazi uma nisebenzana namabandla, ninayo yonke into ixubile phakathi lapho. Kodwa uma ningikholwa njengenceku yaKhe, uma kukhona ichashaza elilodwa lokungabaza (noma *isono* si—singuku "ngabaza, ukungakholwa"), uma kukhona ichashaza elilodwa enhliziyweni yenu, celani uBaba alisuse khona manje. Niyabo? "Nkosi. . ." Bese kuthi-ke uma niza ngokukholwa kwangoqobo. . . Manje, izandla zami ngeke zisho lutho ngaphandle uma Lokho kushaya kini kuqala; bese kuthi uma kufika, kuzokwehlisa, nizophiliswa. Kunjalo, nizokwazi ukuthi nizophiliswa. Niyabo, nizokukholwa.

238 Manje, ngizokhulekela manje ngamunye wenu. Futhi manje. . . Uma nenza lokhu, ubeke izandla zakho phezu komunye nomunye futhi, ngakho si. . . Futhi uzobe ukhulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe, ngizobe-ke senginiletha nedlule emgqeni. Beka izandla zakho komunye umuntu onawe emgqeni.

239 Nkulunkulu othandekayo, a—angiyazi enye indlela yokusho lezizinto, Nkosi. Ngazi nje ukusho ukuthi engikwaziyo kuyiQiniso, futhi Wena ungufakazi wami kulobubusuku ukuthi ngikhuluma iQiniso. Ukukholwa kwami, Nkosi, nokuphiliswa kwami uqobo esikhathini esizayo; angazi ukuthi nini, angazi ukuthi kanjani, angikuqondi; kodwa ngiyaLikholwa, Nkosi, ukuthi ngemukela isibonakaliso esivela phezulu. Lelojuba lesikhombisa ekugcineni lifike lapha, iintshi lesikhombisa seliphele masinyane esilwaneni. Sekuphelile!

240 Nkulunkulu, ngifuna ukukhonzisa abantu baKho. Ngakho ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Wena uzosigcoba kakhulu kulobubusuku ukuthi noma ngabe ubani esimbeka izandla zethu, kwangathi bangaphiliswa; hhayi ngoba kuyithi, kodwa ngoba kulandela umyalo waKho. Wathi "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Nkosi, ngisize ukuba ngikholwe, futhi siza izinhliziyo zabo ukuba zibe ngumhlabathi wokukhulela imbewu yokukholwa. Futhi kwangathi, ndawonye, kwenzelwe inkazimulo kaNkulunkulu, kuwo wonke umuntu ogulayo nohluphekile kulendlu (noma izindlu ezweni lonke) lowo olalela lemiyalo manje, uzosindiswa. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

241 Kholwani; nonke khulekani nathi. Manje, lona akusiwo umugqa wokwehlukanisa kokubona okufihlakele.

242 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ukucindezeleka, ukwesaba, ngiyazi ukuthi lokhu ku. . .Into encane ezihluphekelayo bandla, uthe akakaze akubone ukuthula. Empilweni, into efanayo e. . .?. . .akakwazi ukulala, ukugula kwemizwa, ukuphakama kwamaphaphu.

243 Nkulunkulu othandekayo, ngifakazele, Nkosi, ukuthi ngikhulume iQiniso. Ngimzwela kakhulu kanjani lo wesifazane omncane! Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomthumelela, kulobubusuku, lowomushwe wokukholwa ovela phezulu owaziyo ukuthi Wena ubophezeleke eZwini laKho, futhi Uzoligcina lonke iZwi. Kwangathi uNkulunkulu wasezulwini angasusa lokhu ukwesaba kudadewethu. Futhi ngiyaKuthobela ngokubeka izandla zami phezu kwakhe futhi ngiyakulahla. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungaphuma kuye. Amen.

244 Manje, buka dadewethu, uyangikholwa manje, uma ungaqala kusukela khona lapha, ngasesiphambanweni. Kusukela kulobubusuku, uphike ukuthi unakho. Niyabo, qhubeka uthi, "angisenakho." Khona-ke kuzosuka kuwe.

245 UDadewethu Palmer, udadewethu, uDadewethu Palmer; umyeni wakhe ungumngane wami othandeka kakhulu, umfundisi waseGeorgia noma eAlabama, eGeorgia—Georgia. Futhi wayenyuka eya etabernakele. . .Bashayela, uma ngishumayela phezulu etabernakele, amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ukuzozwa inkonzo eyodwa. UMfowethu Palmer waphunyukwa yimoto yakhe, noma umfana, oyedwa, ngenkathi bejika ikhona, futhi bachitheka. Unokukhinyabezwa yikho. Asikhuleke:

246 Nkulunkulu othandekayo, khulula lenceku yaKho, umkayo omncane, othembekile, oqinisile, inceku encane kuKristu, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, njengoba ngibeka izandla zami phezu kwakhe noMfowethu Jack Moore lapha, ukuthi Uzomphilisa futhi umsindise. EGameni likaJesu. Amen.

247 Onyaweni lwangakwesokudla, futhi umele yena na? Umfana wakhe omncane ukhubazekile, unobuhlungu esiswini sakhe naseqolo. Asikhuleke:

248 Nkulunkulu othandekayo, makuthi leloJuba elimhlophe njengeqhwa lidiphe phansi enhliziyweni yakhe njengamanje, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngenxa yobubi bethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Ngicela lokhu ukuba kube njalo kumfowethu nangendodana yakhe encane, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

249 Izinhlungu zekhanda ezinzima, nobuhlungwana obumkhathazayo uma esebenza.

250 Nkulunkulu othandekayo, yipha isibusiso saKho sokuphilisa phezu kwalensizwa, lapho thina njengezinceku zikaNkulunkulu sibeka izandla zethu phezu kwayo. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

251 Unenkathazo yamanenekazi, isifazane, kanti futhi ufuna umBhaphathizo kaMoya oNgcwele.

252 Nkulunkulu othandekayo, njengoba nginikela kuwe lomkhuleko wokukholwa walelinenekazi elincane, kwangathi inkathazo yabesifazane ingabe isihambile, kwangathi umBhaphathizo kaMoya oNgcwele ungafika ngamaphiko eJuba, eGameni likaJesu Kristu. Amen. (UNkulunkulu akubusise, dadewethu.)

253 Isimilela esweni lakhe, nasesithandweni sakhe esithandekayo.

254 Nkulunkulu othandekayo, Uyayazi inhliziyo yomuntu. Ngikhuleka kuWe Baba, eGameni likaJesu, ukuthi uzopha lesisicelo lomfowethu asicelile; nokuthobela kwethu iZwi laKho kokubeka izandla phezu kwakhe. EGameni likaJesu Kristu. Amen. (UNkulunkulu akubusise, mfowethu.)

255 Unesimilela ngakwesokunxele kuye, nephimbo lakhe futhi libi.

256 Jesu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa lodade; ngibeka izandla phezu kwakhe eGameni likaJesu Kristu, ukuthi ukuphiliswa kwakhe kuzoba khona. Amen. (UNkulunkulu akubusise, dadewethu.)

257 Dadewethu bandla, ngiyayibona inkathazo yakho, isitho esivuvukile. Inso, isinye, neqakala lihlusukile endaweni.

258 O Baba, Nkulunkulu, philisa lona wesifazane oyigugu, Nkosi, ngiyakhuleka, njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe eGameni likaJesu Kristu. Amen.

259 UNkulunkulu akubusise, dadewethu; yileyondlela, kuzokwenziwa.

260 Uyakuzwa lokho, awunjalo, embhobheni? Noma ngabe ubani ose. . . unjiniyela, uma uzothi ukuwuphakamisa

kancanyana nje, izethameli zingabuzwa ubu testi-. . .noma bathini uma beza. Yibani semkhulekweni ngabo uma nikuzwa; uma ngiqala ukukhuleka, khuleka kanye nami.

261 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela lona udadewethu, ukuthi Uzomphilisa, Nkulunkulu othandekayo. Senza lokhu ngoba ngumyalo waKho. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

262 Nkulunkulu othandekayo, Uyabuzwa lobo bufakazi, Uyezwa ukuthi isitha senzeni kuye. Sizama ukuthatha iGama likaJesu futhi sehlule lesisitha; sesivele ngoba elichotshoziwe lashaywa imivimbo iJuba lehlele kwiphansi leNdlu kaNkulunkulu noMlayezo, “Sekuphelile!” Siphe khona, kwangathi angakukholwa lokho, Baba, eGameni likaJesu.

263 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa lodadewethu. Kwangathi iJuba likaNkulunkulu lingafakaza kuye kulobubusuku ukuthi Ukwenzele yena, ukuthi angasinda. EGameni likaJesu. Amen.

264 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu komfowethu omi lapha. Ubenokukholwa okwenele ukuba aze afike lapha, Nkosi, manje kwangathi angemukela ukuphiliswa kwakhe futhi ayohlala esihlalweni sakhe esesindile. EGameni likaJesu.

265 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela umfowethu, ngibeka izandla phezu kwakhe. Siza, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi ukukholwa kukaNkulunkulu kuzodipha phansi ngalesisikhathi nje; futhi abe njengoAbrahama, abize lezozinto ezikhona, ngokungathi a—azikho, ngokuba uNkulunkulu wenza isithembiso. EGameni likaJesu. Amen.

266 Nkulunkulu othandekayo, nguWe Ongenza isinqumo esiyiqiniso. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, njengoba lelinenekazi elincane licele lokhu, kwangathi lingakwemukela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

267 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu ekuthobeleni lokho Othe akwenziwe. Lokhu kusithatha kusibuyesele emuva eminyakeni eminingi, Nkosi, selokhu senza umugqa womkhuleko njengalona; kodwa siyazi ukuthi kwenzekani ngaleyonkathi, siyazi ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo namhlanje, uma abantu bengaba nokukholwa okufanayo namhlanje. Ngikhuleka eGameni likaJesu ukuba kuphiliswe udadewethu. Amen.

268 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu komfowethu lapha futhi ngimcelela ukuphiliswa kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

269 Baba, ngiletha phambi kwakho kulobubusuku lodadewethu, futhi ngibeka izandla zami phezu kwakhe ukufakazisa ukuthi ngimi njengofakazi wamandla aKho, ngimi njengofakazi wemibono yaKho, iZwi laKho, futhi ngingufakazi ukuthi

Wena unguNkulunkulu. Futhi ngibeka izandla phezu kwakhe ekuthobeleni iZwi likaNkulunkulu wami, futhi ngimcelela ukuphiliswa kwakhe. Amen.

270 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla phezu kukamfowethu ngendlela efanayo, njengofakazi wamandla aKho ngimcelela ukuphiliswa kwakhe eGameni likaJesu Kristu. Amen.

271 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "Ini?"

272 Uthe, "UMphilisi." Wathi "Umuntu ovela enhla ndawondawo, enhla eArkansas, wayekade ephiliswe ngalokho kusa, umthungi wezicathulo oyimpumputhe." Niyayazi indaba, yayikade isemsakazweni.

273 Ngase ngithi . . . Ngacabanga . . . Ngazenza umzenzisi. Ngathi, "Awukholwa ukuthi lelo yiQiniso na?"

274 Wathi, "Yebo, mnumzane, ngiyakholwa."

275 Ngase ngithi, "Uyakholwa ngalolusuku lapho uNkulunkulu engenza into enjengaleyo, lapho . . .

276 Wathi, "Mnumzane, ngalalela uhlelo lwezenkolo." Wathi, "NgingumKristu." Wathi, "Ngalalela izinhlelo, ngimzwile lowomuntu enhla lapho ophiliswe kulokhu ukusa, lowomthungi wezicathulo oyimpumputhe. Bamphosela ngaphandle ebandleni, wayebanga umsindo omningi kakhulu, isonto nesonto. Nesigqoko sakhe sisendukwini yokudondolozela, eyiyaluzisa, egijima ehla enyuka emasontweni wonk'umuntu edolobheni, empongoloza, 'Ngiphilisiwe! Ngiphilisiwe!' Umthungi wezicathulo oyimpumputhe."

277 Ngathi, "Uyakukholwa lokho na?"

278 Wayesema lapho kancanyana, kwakuyimvula ethi ukukhemezela, wathi, "Mnumzane, uma ungangiyisa lapho ekhona, khona-ke ngizomthola uBaba wami." Ngase ngizwa *kanjalo*.

279 Ngathi, "Mhlawumbe nginguye omfunayo."

280 Wathi . . . wangidumela ngompheqo webhantshi, wathi, "Nguwe uMphilisi na?"

281 Ngathi, "Qhabo, dadewethu, kodwa nginguMfowethu Branham."

282 Wathi, "Ngihawukele!"

Ngacabanga ngempumputhe endala bandla uFanny Crosby, "Lapho Ubabiza abanye, mawungangedluli." Niyabo, Wayephilise omunye, Wayengamphilisa naye.

283 Ngabeka izandla zami phezu kwamehlo akhe, ngathi, "Jesu othandekayo, ngeliny'ilanga isiphambano esidala esimahliphihliphi siza sibhampa phansi emgwaqeni, amahlombe enegazi eligobhoza kuwo, umzimba omncane oyintengentenge owawusithwele wawa phansi komthwalo. Indoda eyikhaladi

egama linguSimoni, waseKhurene, wenyuka wase esicosha isiphambano, waMsiza ukuba asithwale. Ngineqiniso Uyakukhumbula, Baba. Nomunye wabantwana bakhe uyabhadazela lapha ebumnyameni, ngineqiniso Uyaqonda."

284 Wathi, "Udumo kuNkulunkulu! Sengiyabona!" ehhe.

285 Ngathi, "Usuyabona?"

286 Wathi, "Yebo, mnumzane."

287 Ngathi, "Bala lawomalambu." Wayesewabala. Ngathi, "Ngigqoke isudu enombala onjani?"

288 Wathi, "Ugqoke isudu empunga, nothayi ompofu." Kwakuyikho, wayekwazi ukubona.

289 O, uNkulunkulu uyakuhlonipha ukuzehlisa. Ehhe.

> *Lesi kuso uqobo yilokho okuyokwenza, futhi kwenze kufezeke, ukunqoba okukhulu kakhulu ebuNkulunkulwini boThando.*

290 Nkulunkulu othandekayo, yiba nesihawu futhi uphilise udadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

291 Nkulunkulu othandekayo, njengoba ngithatha lesi esibuthakathaka, isandla esesiba-mbimbi, nguWe kuphela owaziyo ukuthi kwedluleni lapha. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi isandla esifanayo enginaso kulobusuku sizosingatha njengalezozandla ezibuthakathaka zikaSimiyoni ngalolosuku, "Nkosi, sale usumukisa inceku yaKho ngokuthula, ngokuba manje ngibona insindiso yaKho." Kwangathi singeza phezu kwakhe, Nkosi, insindiso yaKho, futhi umenze aphile eGameni likaJesu. Amen.

292 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ethi *ICala,* uMnu. owuKungakholwa wabeka icala uJesu Kristu. Niyalikhumbula *ICala* na? Ukuthi labakanjani . . . Babeno—nommeli nakho konke, futhi owamela ubani. Futhi saba no—nommeli oshushisayo, uSathane, owayezoshushisa; ukuthi icala lethulwa kanjani.

293 Futhi wathi, oyedwa, uMnu. Mngabazi, uyakhuphuka, wathi, "Ngamuzwa umshumayeli ethi, 'Gcoba abagulayo ngamafutha, iBhayibheli lisho lokho.' Ngagcotshwa ngamafutha, angiphiliswanga. Omunye wathi, 'Nibeke izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.'" Wayezama ukushushisa.

294 Kodwa lapho sekuvela ufakazi, kwakuyilokhu, "UNkulunkulu wabatshela, wathi, 'Kade u . . .'" Wathi, "Sekuphele izinyanga eziyisithupha ngabekwa izandla, neZwi laKho liyasho ukuthi 'Nibeke izandla phezu kwabagulayo bayosinda.' Nezandla zabekwa phezu kwami ngenye yezinceku zaKho ezigcotshiwe, futhi angikasindi namanje. Ngakho-ke Wena ungumzenzisi wamanga, ngoba iZwi laKho alichazi khona lokho Elikushoyo."

295 Ngakho ngenkathi kukhuphuka ufakazi, iqiniso kwakuyileli, ukuthi “IZwi laKhe liqinisile. Akazange asho ukuthi *kunini* lapho Eyokwenza khona, Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, ba *yo* sinda.’ Niyabo? Niyabo, yilokho Akusho, ‘Ba *yo* sinda.’ Ngakho noma ngabe yisimangaliso esisobala nje esenzeka nje njenga *lesi* kumbe noma kungukuthobela uNkulunkulu nje, lokho kukuYe kumuntu ngamunye. Niyabo? Kodwa uma umuntu ngamunye eLikholwa, anginandaba ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani. Wathi kuAbrahama, ‘Uzoba nengane ngoSara.’ Ingane ayizange ifike iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. Watshela uNowa ukuthi lali ‘zokuna.’ UNowa wayenozamcolo...u—umkhumbi wakhelwa uzamcolo, eminingi, eminingi iminyaka ngaphambi kokuba kufike uzamcolo, kodwa wayazi ukuthi lalizokuna. IBhayibheli lathi, ‘Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa.’ Nini? Akashongo. UNkulunkulu ulungile, Uqinisile, funda nje ukuthi iZwi laKhe lithini.”

296 Yilokho engikwenzile kulobubusuku, ngabeka izandla phezu kwabagulayo. Manje, ngikholwa ukuthi bonke bazophiliswa. Ngiyakholwa, bonke. Nikholwa okufanayo na? Manje kholwani ngalababantu abahluphekile.

297 Kukhona inenekazi elincane lapha, kubonakala sengathi bekufanele ngilazi, ngilikhulekele izolo ebusuku, laphaya emgqeni womkhuleko. Ubani igama lakhe? UChambers... UChambless. Uma lelonenekazi elincane beliyophila—beliyophila ngokwejwayelekile, belingeke lihlupheke, kade lingowesifazane omuhle ngempela. Futhi lihlezi lapho manje, liqhaqhazela. Ethandekayo, umoya omuhle entombazaneni. Futhi ihlezi lapho idlikizeka *kanje*. O, lokho kuyephula kabi inhliziyo yami. Ukuthi ngifise kanjani...ukuthi nje bengithanda kanjani!

298 Nansi ingane encane, inenekazi lihlezi lapha liyibambile. Ulimi lwayo oluncane lulengela ngaphandle, umzimba wayo omncane uhluphekile. Ukuba-ke lowo bekunguJoseph wami omncane na? Ukuba-ke bekuyindodana yami encane engumzukulu uPaul na? Ukuba-ke lowo bekunguRebekah ehlezi emuva lapho, noma uSara na? Ukuba-ke uNkk. Simpson lapha bekungumkami uMeda na? Lensizwa ehlezi lapha bekunguBilly Paul na? Lona wesifazane osekhulile ngeminyaka ohlezi lapha ubengumama wami na? Khumbulani, yingane yomuny’umuntu, udadewabo womuny’umuntu, indodakazi yomuny’umuntu, nendodana yomuy’umuntu. Niyabo? Ngingumfowabo, Yena unguMsindisi wethu. Konke engingakwenza yi...ukukholwa enginakho kunikelwa esikhundleni sabo. Yilokho kuphela engikwaziyo.

299 Manje, iNkosi ingangibonisa umbono, Ibingangitshela ukuthi kwenzenjani kulowo nalowo wabo. Ngingakufakazisa lokho kini, niyabo, niyakwazi lokho. Kodwa lokho akubaphilisi. Lokho akubaphilisi. Qhabo, kufanele kube yinto ewela phakathi kubo, niyabo. Futhi ngiyethemba . . .

300 Njengoba bengingenyukela lapha ngithathe ngamunye wenu nginibhaphathize eGameni leNkosi uJesu Kristu, lokho ngeke kuthethelele izono zenu. Qhabo, qhabo! Qhabo, angikholelwa embhaphathizweni eGameni likaJesu Kristu ekuzalweni ngokusha; ngikholwa ukuthi iGazi lenza ukuzalwa ngokusha, niyabo, hhayi—hhayi amanzi. Kodwa, niyabo, bengingabhaphathiza ngibhaphathize, kodwa kuphela wehla uyisoni esomile, uphume ungesimanzi; niyabo, uze uphenduke ngempela ngempela. *Phenduka,* bese kuthi-ke ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Niyabo? Futhi yilokho engehluka ngakho enhlanganweni ye Oneness. Akusikho ukubhaphathizelwa ekuzalweni ngokusha, qhabo; ngikholwa ukuthi yiGazi elihlanzayo, hhayi amanzi. Niyabo? *Ukuphenduka*, bese-ke ubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu.

301 Manje ngiyehla ngiyokhuleka. Nalababantu basemqoka kakhulu kini njengoba benjalo nje kimi, mhlawumbe ngisho nangaphezulu kulowolayini wobuhlobo.

302 Manje sonke asijoyinane ndawonye, nezandla zenu ekukholweni, nesandla sami ekukholweni, sehlisa izandla zeNkosi uJesu ukuba zibekwe phezu kwalababantu abakhubazekile abahluphekayo. Nizokhuleka kanye nami na?

303 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Labo abanamaduku elingelabagulayo nabahluphekile, ningahle niwathole ngqo emva kwenkonzo. Manje ngisizeni ukuba kukhulekelwe laba, nizokwenza na?

304 Nkulunkulu, siyaKubonga, Nkosi, ngalokho Okwenzile kulobubusuku. SiyaKubonga ngaphambi kwesikhathi ngokuphiliswa kwawo wonke umuntu oza ngomugqa. Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela phezu kwalamaduku, mhlawumbe angawabanye abangakwazanga ngisho ukuza emhlanganweni, nabathandekayo babo balethe amaduku. EBhayibhelini siyafundiswa ukuthi bathatha emzimbeni kaPawulu, amaduku nezindwangu. Manje, labobantu emuva lapho babehlale ebukhoneni baKho, babeKubonile emgwaqeni, babeKubonile emhlanganweni wabo, futhi babewubonile uMoya waKho ofanayo uphezu kukaPawulu. Futhi bazi ukuthi kwakungesuye lowomuntu, kwakunguMoya waKho owawubusa impilo yakhe, ngokuba siyambona uPawulu enza izinto ezifanayo Owazenzayo.

305 Futhi manje, Nkosi, abantu balolusuku ubona uNkulunkulu ofanayo ehlala eBandleni laKhe nabantu baKhe. Futhi balethe

lamaduku, ukuze athathwe lapha ayiswe kwabathandekayo babo. Siphe khona, Nkulunkulu, ukuthi bonke bazophiliswa ngendlela okungeyaKho. Asiceli-nto ethize ukuba yenziwe nganoma yiyiphi indlela ethize noma yiyiphi imvelo ethize; sicela nje, "Ngendlela okungeyaKho, Baba, baphilise." Ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, nginikela lomkhuleko wokukholwa. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

306 Ngibe nesikhathi esimnandi senhlanganyelo ekukholweni kwenu ubukhona benu kuJesu Kristu. Lona kuzoba ngumhlangano engiyowukhumbula isikhathi eside ukuthi kwenzekeni: uthando, ubambiswano, inhlanganyelo.

307 Futhi manje, size sibonane futhi, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini anganihola. Yena Owenza izinkanyezi ukuba zikhanye zigqame ebusuku ukukhanyisa bha indlela yezinyawo uma kukhula ukufiphala, kwangathi Angakhanyisa indlela yenu yezinyawo neNkanyezi yaseBetlehema ukuniholela empilweni yokuzinikela okugcwele eZwini laKhe, ngumkhuleko wami.

Size sibonane, size sibonane,
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane, size sibonane,
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi.

308 Manje asisukume. *UKholo Lwami luBheka Phezulu kuWe!*. . .?. . .ngi . . .awu, ngizolishintsha lelo. Ngikholwa ukuthi kulungile.

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari
Msindisi waPhezulu!
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho wonke!

309 Manje asixhawulane uma becula.

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nosizi lwanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula izinyembezi zokudabuka,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

310 Nizizwa seningcono manje, anizizwa na?

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

Manje emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

311 Lowo ngumlayezo wethu wokuvala lomkhankaso.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

312 Sikhothamise ikhanda lethu. Njengoba amasondo ehamisha iculo siya ekhaya, ngethemba ukuthi lizo. . .nizokuzwa ukuhamisha kwamasondo, ukubhonga kwenjini.

Emaphikweni ejuba elimhlophe njengeqhwa,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha ikhorasi—Umhl.]
. . .juba,
UNkulunkulu wehlisa olwaKhe olumsulwa, uthando olumnandi,
Isibonakaliso esivela phezulu,
Emaphikweni ejuba.

313 Amakhanda enu ekhotheme, ngininika owenu. . . uMfowethu Noel.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org